598 (23)

2b

K13/27

K13/27 b/b

H.V. Mhlongo

Miscellaneous points of South Natal Zulu custom and law illustrated by cases

1 Kufa

Nohlanje, ngitoke ngihulume ngekufa. Kufa lcku kufwana nekuphila. Ufa ceje uye laha wawusebedela hona usaphila. Unge uthi ngoba sewufa ube sewuba yino nemwe. Uba yiloko nowawukusebedela usayamba.

Kwakwatiwa hona enjulo kokuthi kuhona umvelinqangi, nowajabuka eluhlangeni. Lo, nokuthi nembeta waho uvane naye. Kuthi mangabe weja ino nembi, ihlidiyo ikulahle. Usuke ulahlwa wuyena nembeta waho.

Kuthi, ke, mangabe wede ino nehle, ihlidiyo yaho ingakulahli.

Futhi batali babenamvelinqangi kucala. Ngoba livi labo
2 nababeluleka ngalo tingane tabo lalivakala. Futhi kucala tatingeho netehlukaniso netingaka ngoba kwakuye kuthi banwanwa bajutshwe, mangabe sebehulile. Kuthi lelo butho neselibonakala lijutshelwe libutho letinombi neseliboniwe kwekuthi selingatekana.

Laho, ke, inombi neseyijutshiwe, noma ibinelisokana layo nebeyilithanja, mangabe sekufika munu nojutshiweyo etoyifuna kubatali bayo, batali sebeyihombisa lomunu. Selisala kasi ke lelisokana laha. Seyitoya kogana yena lomunu nosebonwe yibatali bayo. Yothe igqagqe kuyena. Ite yahe muti naye, kojwa ngeke yehlukanise naye noma sekumnyama. Itofike itithobe ngembili
3 kwahe. Ngoba lomunu wunyeni wayo nemnikwe wuvise, ngakoke, lisele lisoka. Yote igugele kunyeni lowo nemnikiweyo.

Futhi batali babenaMvelinqangi, ngoba netingane tabo tebafwana netemanombatana tati beva. Yayingeke inombatana ibonise yiso nenina kwekuthi iyamba nje isicomile. Ithi noma iya kogoya, icashise. Bathi bebona batali babone ngoba inombatana ingaseho njena.

Noma bengayiboni, bathukuthele kabi kokuthi iye ngaye inombatana. Bafunafune kubahelwane, bangayitholi. Kothi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

3 besalele, kusemnyamana beve ngemunu esehuleka enyango, etibika kwekuthi abafunele ngakuyena. Uyayi bika inombatana leyo ngetomo
4 netingaka. Athukuthele yise, athi yibuyiseni. Babe sebeyenja nayo, ke, njalo. Sebefike behlawula kokuba beyebile ingane yemnumtane, bayifunjisa ukhuba wekwejelela inanjo yeyise yalalela inanjo yabo. Bahlawule ngeyomo. Kuhlanganiswe kuhuluma, igqagqe.

Tomo tohe ngeteyise wenombi yimwe iyomo yenina. Yingquthu. Naleyomo nina wayeyithola ejulukile. Ngoba inombatana yayinele imile mabele, nje, ube ucalile usebedi kunina wekugada ingquthu.

Utoyibona inombatana ngamedlange icala kuthomba. Sekutoba wusebedi wahe, ke, njalo wekubona ngamdlange yephothela tohe tinyanga leti yote igqagqe.

5 Wusebedi wahe wekubona tohe tindlela tenombatana yahe. Noma iyaphi kufwanele ati. Netesheli tingalokothi tibonise ngakehaya, ngoba funa tibonwe wunina wenombi atede kabi. Tihloniphe ngempela, tite tiyambe kasi.

Nenombatana ilinge ngemandla ohe kufihlela nina mikhuba yohe yayo. Nina wayengate angalati nete lisoka lenombi yahe ite iye kogana nje.

Kwakuye kube yimaqhikita nawaye ati tinjaba tetinombi. Noma inombi itocoma itocomelwa yiliqhikita, nelitobona kwekuthi isingacoma ngoku. Noma itoya kogana iyona injaba yemachikita natobona kokuthi isingagana kufokati lowo nemcomileyo ma ethi
6 kuhle iye kogana. Yiwona futhi machikita natomfunela mganisi, kamwe nesijwaba. Kotothi mangabe batali benombatana sebebuta kwekuthi iye ngaye, atophika nawo machikita. Kote kufike mkhongi esetoyibika, kube yihona bethethisa yena, bemhlawulisa.

Noma seyiganile nina utoloku eyihlola kokuthi ingquthu isalungile yini. Kutothi, ke, sekutophuma lujwenjwe, nina ete kumkhongi, atobita ingquthu yahe. Utoyishaya. Ashaye iyabi neyulu ngempela, neyedlula tohe letomo netingaka nalobole ngato.

Kothi nangamdlange iyochanguza, utocale ngokuyihlola nina, ahlole ingquthu kokuthi isaphelele yini. Abe esetshela bafati

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

7 ke kwekuthi ibisaphelele. Abanike siqholo sekukitita. Ngoba phela nina usewucejile usebedi wahe kuleyo nombi ngelilanga lekugqagqa kwayo. Bafati batokikita be bika lujumo lwenombi nemsulwa nabayiletha kunyeni igqwele swi, yilujumo, ke, lolo.

Lofati, ke, mangabe tingane tahe tohe temanombatana eteluse kahle, netebafwana ateluse kahle, usuke engenaqala lebanwanwa bahe ngakuMvelinqangi. Ngoba uthetho wahe nomuhle wawushayelela kubanwanwa ceje, balunga.

Nenjoda yahe futhi mangabe eyihloniphe kahle, anaqala kumvelinqangi lemuti wahe nelenjoda yahe.

Futhi naye lucoba lwahe utilonjolote kahle esimilweni sahe
8 nakesithembwini senyeni wahe uhleli kahle naso ngehlidiyo nehlophe yahe. Awucabangi uthi, ngoba mithi beyingeho kucala, yenando. Bekungediwa loko nelite.

Lofati kuye kuthi noma kube hona kuhuluma ehaya, angabi yilixoki. Futhi kuthi kuthi mangabe kube hona laha ephonsise hona, akwati kuxolisa, lowo munu usuke ephethe kahle. Asiho siqi kuyena. Anayo inxa nabani. Agodli magqubu ngamunu.

Lomunu nonje uyevana naMvelinqangi.

Utothi, ke, mangabe esetofiqwa yikufa, indlela yahe imkhanyele kahle. Utoba nendlela nathanja kokuba ate ayambe ngayo.

Nomumwe utofisa kokuba athi ngamdlange eyambayo ate abite
9 tohe tingane netihlobó tahe avalelise, ate abambe ne lithambo, abatshele kokuthi uyambe kanjani.

Nomumwe utofisa kokuba ate agule kahulu, banwanwa bahe behluleke etinyangeni tohe. Abe useqela sibinji seyomo leyo natoyibita ngemubala wayo, mangabe sekumkhanyela kokuthi useyayamba. Kube sokuthiwa Awu! Usegule useqele inyama yekuvalelisa kudla. Ihlabwe ceje ayidle kuphele tisukwana, ayambe.

Nomumwe afise kwekuba angafeli elinxiweni nelisha laha athuthela hona. Afise kubuyela kubanu bekhwebo. Alahlwe kamwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

9 nabo yise naboyisemhulu laha bembelwa hona. Nempela uyothi mangabe esesonjelelwa yisihathi, umbone ethutha. Kuthi
10 mangabe umbuta kokuthi uyi shiyelani indlu yahe isehle njena, athi afuni kufela ehlane. Usebuyela eliveni lekhwabo. Uya kofela hona. Lowo munu nonjalo nempela ufike abuyele nje kahle. Akhe athi du. Asuke ahlabeke ceje ayambe, njengekusho kwahe.

Labanu labanjena abakwesabi kufa. Indlela yabo iyakhanya. Babukeka bati laha beya hona. Abanaluvalo mangabe sebebitwa wumvelinqangi. Uyabakhanyisela kahle indlela yabo bayambe kahle.

Kwakuba wuthakathi, ke, nowayefa engafi, efa evuka ethi ngitheleni ngemadi ngivimbelwa yilujumo lwebanu netingane. Sengibuyile ngoba ayiho indlela. Kumnyama. Labanu babulawa wumina bangivimbele. Lomunu ate ayalute timthu ngoba engedanga
11 kahle. Wabanga ti nyembeti kubanu, ebabulalela tihlobo tabo. Ngoku, ke, naye kumfiqile.

Kuthi mangabe emkiwe, ababale. Asho kokuthi mina ngabulala injoda yaMasibanibani ngabulala ufati waSibanibani ngaqotha muti wasibanibani kwavalwa ngelihlahla. Ngaceja bohe bashakati nabatibulileyo kwathiwa kufike ukhuhlane notobulala live tingane tisala kasi tibomvana, bonina bayagingqi ka nje. Miti iyafa. Ngaceja netisiva. Ngatibulala. Ngoku bohe labanu bangilinjile. Bangivimbele angiboni ngale. Ngibona bona nje kuphela. Asho afe.

Lowo, ke, wayesuke elahlwe wuMvelinqangi, lowajabula banu
12 netino eluhlangeni. Ngoba lidlozi nelihle yileli nelisuke likaje litiphethe kahle. Liletha sibusiso nakehaya mangabe selibuyisiwe.

Kani lidlodi lethakathi linelulaka. Liletha ukhuhlane ehaya. Njalo mangabe liyambele ehaya, kuba kubi. Akubi nahlahla.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

12 Kani futhi kube kabili. Lomumwe munu ewuthakathi achume. Abe yilidlodi nelichu mileyo. Banu bemuti wahe ababusise ngempela kwekuba bawusebede bawucinishe losebedi wahe wekubulala banu.

Kwakuhona munu ewuSibuko Xaba. Lomunu wayethakatha neyise. Ufuye tilwane tohe leti telive. Uvusa nebanu abede mikhovu yahe.

Waganwa yinombi yemunu nengathakathi. Lengane yemunu
13 iloku ibona ngoba ipheka ngembita neyulu, nje. Ipheka ipheke, kojwa kudla ingakuboni laha kuphelela hona. Isile kute kuvuvuke tandla. Kojwa ingawati locaba laha uphelela hona.

Watibula ngenombi. Waphinja inombi. Waphinja inombi. Waphinja inombi. Kohe lekutala kwahe, utala njena kuyiloku kuhona indlu nengavulwa. Kuthiwa angangeni hona. Nempela ate anga ngena hona. Kungena unyeni wahe, naninatala, nayisetala. Yena ati nekuthi kuhlalani hona. Uloku ebona kuphakwa nekudla nemasi evubwa kahulu ngemcaba nakaje ewusila. Lekudla kuthuthelwe kuyona lendlu. Kojwa nabo bangene kuyona ngesithuba
14 sekulalwa bate baphume sekukhala tuku. Tohe tisuku leno ime kanjalo. Nenyeni wahe amtsheni kokuthi befuyile laha ehaya.

Kuthi nganelimwe lilanga kani mshakazi lona yena ati njena, sekuhleliwe kokuthi kutobulawa ingane yahe yematibu lo yediwe mkhovu. Lafika, ke, lilanga.

Bayifaka ingane ngethi nababulala ngawo banu. Akutange kulalwe. Yayaluta kabi ingane. Kwathi ngelilanga lesithathu, yaphangalala ingane ebusuku.

Bayibila, bayibila. Kwasa. Bakhala. Tafika tihlobo. Yangcwabwa ingane. Tayamba tihlobo. Esuku, bayamba bayomvusa. Bamweda umkhovu.

15 Kwaphumeleleka kahle kahulu. Lomkhovu wakhuthala kahle, wahlumamisa nemimwe mukhovu neyasenjikhathele.

Basebeyabona kokuthi kani mkhovu noyiligati labo yiwona nothakatha kahle. Base betibulala tohe tingane leti taSibuko. Bativusa taba yimihovu nebukhali tohe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

15 Mshakazi waba wumfelokazi. Anayo neyojwa ingane, le. Setife tohe tingane tahe. Ati nekuthi tibulawa yini kangaka, leno nemsodisela kangaka! Ingasamshiyeli naneyojwa njena. Hhawu! Wajaqa wayiluthi unanomunu. Waba tinyembetana.

Kojwa noma esetiqhibana, wasila incwaba. Wapheka ngananelihulu likhadi leli njengoba ayepheka nangembili ungakafi tingane.

16 Kohe lekudla kuthuthelwe kulendlu nengavulwayo. Nevuelwa ebusuku. Kungene Sibuko neyise nenina, kuvalwe. Mshakazi angeni yena. Kojwa uloku eva ngebuxokoxoko, nje, bemavi ebanu nabaningi.

Kwanele kwaphela tingane nya, mshakazi ate anqibilika. Wakhala njalo. Wahlala esetinyembetana. Noma edani, umbone esehala.

Kohe loku kwaba yimahloni kubanu nababukeleyo. Ngoba munu nohluphekileyo ngeti ngane, wufati. Injoda lena, nenina neyisetala, kuhle kuhlophe. Kusinjwe ngebwelithole.

Kuthi nganolumwe lusuku, bate bahlabeko. Bahulume bojwa kwekuthi lomunu utote one uthi wabo ngalelinyembeti nalikhalayo, kuhle aboniswe tingane tahe.

17 Kwahlwa. Injoda yeta kufati ephekile kusihlwa. Yafike yathi, wota laha MaShozi. Wota ngitokuhombisa tingane taho. Kaje wawuhlupha uloku uhala wota laha.

Wamlanjela Xaba, elanjelwa wuMaShozi mshakati wahe. Wayeseconja kuyona lendlu lengavulwayo. Wafike wavula. Ekhathi kuhona ninatala neyisetala. Babuthe netimunga netatiwayo kulelove. Netafayo. Kani banu kwakuthiwa bafa njena, abafanga bambululwa wuXaba. Kuhona tinombi netisiva nemahosikati bakulelove nabaliwayo. Nabafayo. Kani Xaba wabuye wabavusa wabeda, mikhovu yahe. Kuhona tingane taMaShozi totone. Yitona njena netingqobo tato majoda. Ngoba mihlola kaje yayehla.

Uyangena, ke, MaShozi. Uyaguqa. Kuyaxokotelwa. Indlu igqwele ithe phama. Kusuka injoda yahe iconja elibuthweni

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

17 letingane. Ifike ikhetha tingane taMaShozi totone. Iyatichuba. Itimisa ngembili kwaMaShozi. Ithi "MaShozi nati tingane taho! Wena oloku uhlupha ngekukhala sengathi tingane tafa, kani tingane ngativusa nati. Yihona utothola nemandla ekutisilela tingane taho. Natoke.

Watibona tingane MaShozi. Wayesesukuma kahle, nje. Wathi thwecu, wavula unyango. Waphuma. Bacale behleli besinisa tilwane tabo. Kwate kwahala tuku. Bona baqabanga kwekuthi MaShozi useye kolala ngoba ubesacala kubona lilwane tewakhe.

18 Sekothi mangabe sekuphinjwa, naye ahlale abukele tisina kute kuhale tuku. Yihona sekutobuye kube wuyena nototiphakela letilwane.

Kani MaShozi wenele wafika njena enyango, wabuyisela kahle unyango. Atange aye endlini la elala hona. Wedlula ngetigqi. Kujekuje ngelijubane. Waye wangena ekhwabo. Wafike walihlalela. Atange ayiteke nahona injaba nayibonileyo. Watithulela njena. Babeyathe ekhwabo, "Buyela emtini waho phela, atange abanike nomo. Watithulela njena watihlalela. Ba beyathe bayamyala bethi, ene, munu ayali injoda ngoba efelwe. Utobuye utitale, nje netimwe tingane, musa kujikibala thlidiyo yaho ngoba ufelwe tingane taho ube sewala ukhwemwana. Bohe banu bayafelwa. Wena, ke, useyingane nje ungalihlanganisa lishumi live. Buyela emuva. Atange abanike nomo noma sebefekethisa kahulu. Bamyeka. Babona kokuthi yiyulu ino ibonwe yilonwanwa. Injaba ingaba yiyulu ayitekeki.

Wathi nganolumwe lusuku eye kothota, wahlangana nenyeni. Wathi uyambuyisa. Wabaleka wabena. Washiya netuni ehlathini. Atange amnike nomo.

Wabuye wafika unyeni ehaya ethi utombuyisa. Wativalela exhibeni okokuphela. Babeyathe baya mbita bethi nawu unyeni waho ekufuna, atange abanike nomo. Wate wayamba.

19 Kwathi nganolumwe lusuku kwaba hona mjadu. Waya MaShozi wayobukela. Bathe, nje, besahleti, wachamuka Xaba. Weda kuyena

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

19 wafike wathi, "Awu, MaShozi sewuyobuya nini? Sesiyafa nayindlala." Wesukuma kahle unanaShozi wayamba. Uthe uyalanjela Xaba, wachitheka ngelijubane. Waye wangena ehaya.

Kwabe sekuba yikweda kwahe, nje, njalo. Anele abone nje kwekuthi nawu Sibuko, abaleke abene. Ate ayongena eXhibeni ekhwabo. Afike avale unyango. Ahlale ate ayambe ceje avule atihlalele.

Kwate kwaphela mimwaka neyilishumi eja leno. Kuthe ngemwaka wemuvo, wayamba maShozi wayambela kolonina etengolweni. Wafike wahlala wate wabuya ebusika. Wabuya esekhulelwe tinyanga setiyisithupha.

Bambuta banu. "Tingaphi tinyanga MaShozi na?" Abatshele athi tiyisithupha. Wohe nje munu nambutayo, amtshele athi tinyanga tiyisithupha. Kani uyatimosha.

Lenjaba yaye yafika kuXaba. Wathi uyeta etokweshela, asuke abaleke abene. Njalo, nje. Banele bahlangane nje, uyobaleka MaShozi, amsukele Xaba! Banu babone sekuthe la-- tijwaba kumaShozi. NaXaba agijime atephule esukela inkehliyahe libeshu
20 linjite lojwa lisala ngemuva, esukela inkehli ibaleka nekudla kwahe. Nayo, ke igijime itephule. Iye iyongena ekhwabo exhibeni. U yise wayese wayejela nobadula nevala ngawo unyango ngekhathi. Ngoba wabona engengane kwekuthi yiyulu ino neyabonwa wunanahe emenjweni. Ayitekeki. Akudlali munu esebitwa wunyeni wahe. Esemtele ekhwabo. Kuye kwale bexabene kahulu. Kojwa mangabe esemukele ekhwabo ufati, uye athi mangabe eselanjwe wunyeni, athambe abuyele kuyena.

Ake ubeke, ke. Xaba uyamthanja kabi MaShozi. Muhle umofu. Uyiliponyana, nje, mufushanyana uyinjilinga. Ubungile unanomunu. Asisona siphakaphaka nesikhulumi. Uyilibeka, nje.

Ute abe netingane netine nje, atange abe yilithatha, atange abute kwekuthi kaje kwasa ngigaya, kudlani? Atange abute nekuthi kojwa kwahlalani kulendlu nehlala yavalwa. Atange abute

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

20 nakenjodeni yahe kwekuthi, "Ngalala ngojwa tohe tisuku wena wafika sekuhala tuku, usuke usayephi?" Wayeyino, nje, unanaShozi nengathi nja.

Xaba wayemthanja kabi mkakhe. Emthanjela tohe letedo tahe netihle. Ngoku asenafati. Usehluphwa yikusilela tilwane tahe
21 eyinjoda. Loku boyise nenina sebeguge sekuwunotha njena. Sekuwuyena nosekha madi apheke asile. Loku netingane setaba yimikhovu tabulawa wuyena. eNgakube setiyamsita, ke, nohlanje kwemuke nina.

Weshela weshela Xaba, ebuyisa MaShozi, wehluleka. Wayesewa kokuthi wemithi tinyanga tiyisithupha. Wayesekala kwekuthi uyotala ngalentwasa yelithoba.

Wamephothela lilumbo, wa liconjanisa nelilanga lahe lekubeletha. Wamthiya ngalo, nje, kokuthi lengane ngeke ayitale ngeligolo. Uyoyitala ngenomo.

Leyono, manombatana, niboyiqapha. Mangabe senenjile ningalokothi nisho kokuthi tintwasa tenu tingaka nisinyolukile sisu. Kuyathakathwa enyango laha. Banu nabatonja nyoko neyihlo, ngeke ubabone bekushiya. Bayova ceje bakulumbe ngelilumbo lekuba uyofa utala. Nempela ufe.

Ufati eshazile uyasifihla sisu sahe. Kute kwedlule tintwasa tibe tinathu. Ngeyisine noma ngeyesihlanu bacale bamsole. Bambute. Avume athi angati nami noma yikona yini ngoba ngedlulwe yiyona lentwasa. Angati noma ngisagwingqile yini.

22 Tothi tiyisihlanu, babe bethi yimwe. Tithi tiyisithupha, babe bethi timbili. Tithi tiyilisonta babe bethi tintathu. Sibe sesi bonakala. Bakubute. Uthi tintathu. Bathi Hhawu! Sasikhulu! Uthi wena, ene, lufu, nje, lwami luhulu. Bakholwe banu.

Bathakathi, ke, bephothe lilumbo baliconjanise naletintwasa netisekasi, kani usuyatala. Bathi sebethi bayabuta kwekuthi yini ucambe manga, uthi tintwasa tikasi laha, kani tikembili, he! Wena, ke, uphenjule uthi, ayi, ngadideka. Ngangithi ngibala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

22 kahle. Woshi! Sengingate ngifihle sisu mame! Ngiyinombi yini? Loku ngiwufati, nje. Ngasina libalele, nje, mame?

Ukusho kohe loku wati wena kokuthi akusibo bohe banu nabethabele injoda yaho, nawe. Ufihle njalo, nje. Ute uceje kutala ufihlile.

MaShozi, ke, wathi uyatala ingane yenyuka yema eluvalweni. Yabe iyesuke yenyuka yafuna kuqhumisa tibilini. Bambamba! Ayi. Isuke ceje ikhwele elucabangeni. Ingehli. Wavuvuka ngoku. Washaywa yilithwabi. Waphela. Uthe ese phela wathi ngiyekeni. Ngilaliseni. Bamlalisa. Waphela.

Kwabitwa unyeni wahe kwathiwa atombobosa, kwejele kokuba kuphume umoya, angalahlwa eyisimuku nengane esiswini. Wala

23 Xaba. Kani wala, nje, yililumbo lethi wahe. Bamncwaba. Wamumbulula kusihlwa. Wamweda silwane sahe. Wayeseba wumkahe, ke, ngoku. Wayeselala naye eseyisilwane. Enga senakwala. Nganelimwe lilanga tambona tingane eya efuleni. Tasho. Yate yevakala nje lenjaba yegqwala madlebe kwekuthi umkaXaba wavuswa. Netingane tahe tavuswa.

Yise afanga, nenina. Bate baphudiswa lubisi. Kwafa yena Xaba lona kucala; lona nowagila mikhuba, elala nemunu sewafa.

Wafa wahuluma tinyoni. Wathi, ene, ufulathelwe yimadlodi ekhwabo. Ino nayibonayo ubona tingane tahe nemkahe bemlinjile endleleni. Ubona banu labaningi bemlinjile banu lababulalayo. Uyajinga njena kwekuthi angayamba ngayi. Kuhle, ke, balethe tilwane tahe atisinise. Ngoku, ke, use puquka timethu, efa engafi.

Sokugqwele banu mfi, betolalela. Athi lethani nina tilwane tami, ke ngisinise kamwe. Lethani silwane nesiwumkami ke ngimlale kamwe. Kusasho bani? Mathambo. Sekuyaluta timethu miqimquta, beka.

Usesukuma yise, naye eseyilitakamba lelixhegu, eva manyala ekhulumwa wunanahe, etobashiya nelihlado, bona nabasaseleyo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

23 betosale bekhombwa yibanu ngetithupha, abe sefile yena. Lesuka lixhegu. Latabutela lixhegu. Lafika kuyena lamwahla ngempama
24 enomweni lithi thula. Utobe ucamba manga lawa wena, uva wesaba kufa! Uyampompa! Umpompiswa yibuhlungu! Usumpompa manga lawa! Yifa! Uyeke kuloku ucamba manga laha!

Wathula. Waseyafa njalo. Bamlahla.

Yiyona, ke, lenjaba ngithi mina kufa kufana nekuphila. Futhi kufwana nekulima. Ngoba uvuna loko nobe ukuhlwanyelile. Nakekufeni, kufa kulanjela tedo taho usayamba.

Lomunu waXaba ufa kambi kangaka, njena, nje, kube kumfwanele. Ngoba esaphila lomunu weda bubi bojwa. Wabanga tinyembeti netingatiwa ehlabeni. Bohe banu bahala ngaye. Edica likhaba lebanu lisantenga aliveni. Walidicela kasi banu bethwala mikhono ekhanda bambongota. Bememeta madlodi abo! Bebuta kokuthi abafulathele kwedenjani.

Beka, ke, ngoba yimakhanja ngemakhanja ebanu nabafayo. Labamwe baba yimadlodi labitwa asabele. Labamwe njalo babe yimadlodi lathathelayo. Kwedlulana banu. Lamamwe abe nelulaka.

Ake ubeke, ke, kuSibuko. Sekuhlangene kuphenjulwa kwe tinyembeti tebanu ngebanu nababulalayo. Madlodi ngemadlodi asemlinjile.

Libe lojwa, nje, nelitothi kuhle angafi engakudalunga
25 kweda kwahe. Kube sekuthi laha ethi uyafa ngekusho kwanamamwe ethi ayi ulungile afe nje. Kubonakale kwekuthi lamadlodi nanolulaka ebanu nababulalayo avimbe athi "vuka ungafi. Yamba uyohuluma ubatshele banu. Avuke. Kubuye kukhandanise kufa. Athi uyafa, avuke. Wate wayaluta timethu. Sigqino wate wahuluma. Wayesecejelwa wuyise ke, ngempama. Wafa esekhulumile.

Wayengakatiwa Nkulunkulu. Kwakusatiwa khulukhulwane. Kuthiwe etinganeni kukhona khulukhulwane, yambani niye komumemeta nicele kuyena ino neniyithanjayo, uyoninika. Kuthiwa uhlala kuje emoyeni. Phumani niyomemeta.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

25 Tiphume tingane tiyomemeta. Tithi, "Wekhulukhulwane! Siphe kudla! Nasi! Neluphoko! Netinjumba! Netindlubu! Nemathanga! Nembila! Nemabele!" Timemete tohe tihlobo leti tekudla. Timemete kute kushone lilanga tingane. Tithi Wekhulukhulwane! Siphe kudla. Tithi tisamemeta, bachamuke bonina bamemete bathi, "Buyani. Usekulethile kudla kwenu Khulukhulwane. Tifike tingane sebekuphake bakubeka kudla.

Tibute tingane kwekuthi ukufikise ngasikhathi sini? Bathi bonina, ukufikise ngesikhathi nimemeta kahulu. Wayesekuletha laha, wathi ngite ngininike.

26 Tijabule tingane tikholwe kwekuthi nempela Khulukhulwane muhle uyakuletha kudla, kube mnanji. Nabonina sebasitakala. Ngoba tingane phela tiyahlupha. Niyati nani, Munu mangabe esethi uyapheka, tingane tiye tibe titefa tihlupha. Uyaphaka munu, injojwa nethi, ene, Phakela mina kucali mana. Iyojwa nethi mina ngitodla lokuya! Isho iqoka kudla kweyise. Athi laha nina eyitshela ethi, ene, khayi, ekweyihlo loku. Ibe yojwa netothi ayi mina ngitodla nebawo.

Lelithonya laKhulukhulwane yilona laliceja yohe injaba. Ngoba pehla kucala, tingane beti ngahlakaniphile njengetingane tangoku. Lethi ingane ingakaphumi nemabele ibe seyelamwa yitingane netiyisihlanu. Nayo seyipheka ihlakula yeda yohe misebedi le yebanu nabajata. Yeda netono tohe leti tebanu nabajata.

Kucala ingane beyidlala. Muti ube mhulu. Tingane tibe tiningi tibelethane. Mangabe sekufike mdlalo wekuya komemeta Khulukhulwane, titojabula. Tiphume tohe tiye komumemeta. Kute kumemete batali bethi atitodla naku kudla esekulethile Khulukhulwane. Tijabule, ke tidle. Tiyambe futhi tiye kodlala.

Netono betingengaka. Hhawuboni, ngoku tono selediwa nayitingane, ngoba tingane setahlala nebanu nabajala. Tihlala tilalele bekhuluma mikhuba yabo yebujala. Uyacale uyeva,
27 sekuthiwa ingane yasibanibani yede sono nesiyikuthi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

27 Loko, ke, sekuyikufa kwelive, nje, ngoba nathi sikhule live lisaphila. Kojwa setihona tikole. Mina ngite ngagqwalisa sifuba, nje, ngiyisilima. Sidlala. Sibukuda esitibeni sethu selujaka. Mehlo ate abe bomvu. Sibuye sesitodla. Siyimanombatana esigoji Sibaningi. Kuhona ufwana emumwe no wayengangathi. Sibukuda naye. Singati thina kokuthi kani Makhanda wufwana. Sithota naye. Sibuye siyofunja naye esikoleni.

Sate samangala ngamdlange sesicejile laha esikoleni setingane. Ngamdlange sengiya eAdams College, sengiya kofunja Standard Seven. Siyafika naMakhanja, sekuthiwa yena utoya kohlala eJubilee ngoba uwufwana. Tina sitohlala eSidlaveleni siloku siwela ngekuya kofunja, ngoba siyimanombatana.

Kwaba yihona sibutana kokuthi, "Kani Makhanja lona uyamba njena uwufana? Naku sekuthiwa kuhle angahlali nathi aye kohlala yena eJubilee laha kuhlala hona tingane netimwe tebafwana. Samangala kahulu. Kwasithatha sikhathi kuyiconja kahle lenjaba.

Sengite nganja kahulu netinjaba leti ngoba tinjaba atipheli kuthina nje bonjaba kayipheli. Mina bengiconje kubonisa nga
28 Khulukhulwane kokuthi wayehona. Kucala Live lingakakhanyi. Atiwa nangeligama leMvelinqangi. Kuthiwa wajabula tino nebanu elu hlangeni. Kubuye kuthiwe wuNomkhubulwana, iyosatana yelitulu. Kuthi ngetikhothi netatiwayo bayilimele isimu. Lesimu kuthiwe yisimu yaNomkhubulwane. Uyejatshuliswa yihona eto chumisa kudla kwebanu, ngoba naye unesimu.

Ngoku, ke, kukelubala kwekuthi Khulukhulwane lona wuyena Nkulunkulu lona nosete waphenywa yimaholwa. Kukelubala kwekuthi Mvelinganqi lona nowajabula tino eluhlangeni wuyena Simakaje lo wemakholwa. Nokwathi kuhleliwe kwafika belungu bephuma ngesheya kwelulwandle. Kwathiwa yibefunjisi. Bafika nemqiqingo weno. Kwathiwa yinqwaji yetinjaba netiyingqwele. Letinjaba etaNkulunkulu nowasijala. Isitshela nekuthi uwumoya. Banu labamkhodayo, nga bemkhoda ngemoya, nangelicinisho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

28 Kwase kuvakala kahle ke, sekufika nebanu nabakwatiyo bayichasisa injaba yevakala kahle seyifunjwa nakenqwajini yayo neyingqwele. Nabo beyihuluma nangenomo. Banu, ke, base beba yimaholwa labo nabalahla tindlela tabo baphenjuke bede njengekusho kwebefunjisi.

Kanduba kube hona kuthandaza. Nekubonga. Nekuhlabelela
29 maculo eyosi. Kuthi ke, mangabe munu efile, afakwe ebokisini, embelwe ngalo, sekukaje kwediwe inkonzo yekumbela.

Kucala bekuhalwa kahulu mangabe kufiwe. Kwesabeke ngempela, ngoba munu ufile. Nesijumbu asinakuphathwa yibanu bohe. Utokwatiwa munu notomlahla lomunu.

Ngoba kwakuye kumbiwe ligoji lijule njengalona leli lekufaka libokisi. Libe selediwa ligumbi. Ligumbi leli limbiwe ngakasi kwe hlaba. Lenele kungena yena lowo munu nofileyo. Angene ehleli. Ngoba phela ubefa ceje, bamgobe majolo. Acoshame. Bamcimede.

Kube sekuthi mangabe kutongqwabwa mnumtane angqwabwe noma yikendlini yahe, noma yikesibayeni sahe.

Endlini layo, umbelwa hona ngoba ayiho injoda neyophinja ihlale kuyona. Noma bemngena bafowabo, bayokwaha nemwe indlu nabatomngenela hona ufati wahe. Mangabe mnikati muti efile, nendlu yahe iyabidlitwa.

Ngakoke, kuhona munu notomlahla. Lomunu uto ngena yena ethuneni. Athathe tino tahe angene nato. Afike amwendlalele kahle kulengosi. Abe semwemukela, ke. Bemniketa yena. Amwemukele Amngenise. Amcoshamise abeke ngehaya. Yihona eyothi mangabe esebuya, angejuki. Anele avuke njena, aconje ehaya. Abe yilidlodi nelitobeka kubusisa ehaya. Athi, ke, mangabe esembekile
30 waceja, abe sevala ngelicansi enyango. Edele kokuba kuthi mangabe sebegciba nge hlaba, uhlaba ungatheleki ute uthinte yena. Abe sephuma, ke. Babe sebeyagciba. Baceje, ceje, babuyele ehaya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

30 Kube sekutholakala inyanga yemahubalo. Ibacobele mahubalo. Badle batocina. Kuthi, ke, munu lowo nongene ethuneni wamlahla, ashayelwe iyomo. Makhubalo adliwa ngembuti noma ngeyomo. Ngoba kufuneka ligati lekuwashisa abe sedliwa, ke, njengekweda kwenyanga leyo yemakhubalo.

Nohlupheka.

Sizathu nesingeje ngithi, ene, munu ufa ngaleyo ndlela nabe bisa kute afe ngayo. Aye laho futhi laho ekaje esebedela hona, ngejiwe yinjaba yekufa kwaNohlupheka.

Nohlupheka lona, ene, wayeshiywe wuyise emithwi wunina. Wayamba naye ekesiswini. Wayogana inyanga yaKhoza. Yamphatha ngemakhambi wate wabeletha wondleka kahle wate waba yinombi.

Yise wayeyisikhulu ngetihathi kubusa Cetshwayo. Kwakuwukhuba wetikhulu kuya kokwethulela iyosi matibulo ato. Mangabe ethuliwe lamanombatana ayeye abe wumndlunkulu. Lomndlunkulu, ke, oweyosi.

Kutothi ekhathi kwawo iyosi itikhethele labo nabatoba
31 yitixebe tayo. Xuthi, ke, labamwe, batoba yimdlunkulu loyimajodakati ahe unwanwa lowo.

Ngoku, ke, lomdlunkulu loyimajodakati utocoma, wenje. Ube sowulobolwa eyosini, njengemajodakati.

Nohlupheka yena, wagana Mveli Mhlongo. Watala inombi nesiva (ngingasababali nabafayo). Lesiva ligama layo leyise wuMqhutshwa. Uthe laha ewufwana, wafa yise. Wasala nenina.

Uthe lahe esephelele ebusiveni lofwana, wayambela ngakemaMponjweni. Wafike waganwa yinombi yaFasitele. Walanja nina baha laha emZumbe.

Mshakazi nenina bevana kahulu. Loku lenombi yaYasitele leyayigane lofwana wahe yayiyinanjane nengatange imbone nenina yondliwa wuyise, kwabe ithole nina kuloninatala labafike bevana kangaka naye.

Kwathi laha mshakazi enetingane netinathu, wabunguka Mchutshwa. Wayamba mwaka wohe. Walanjela tibongo tekhwabo letithi, "Wena wenjomane yaMgabi Leyejuka mimwakamwaka! Ithe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

31 ibuya yabe ikhwela mijudukatana! Maqamatha! Enga yinombi iya elisokeni! Soyingose. Bebe waboLanga."

32 Mshakazi lona wayesiyilesi zukulwane nesifunjele butisha sabuceja.

Wanele wayamba mwaka wohe Mqhutshwa, ninatala wathi uyosebeda kubelungu baho mina ngitohlala netingane. Lofwana wami ulanjele tibongo tekhwabo tekuthi bayebenjomane yaMgabi neyejuka mimwakamwaka. Yathi ibuya yabe seyikhwele mijudukatana. Naye ke usejuke yona mimwakamwaka leyo. Obuye esekhwele mijudukatana leyo.

Wasuke mshakazi wangena kuhulumeni wemfunjo wafunjisa bondleka. Yayamba mwaka lesiva yabuya. Ayiphinjange yaya njawo mangabe seyibuyile. Yayisalanje lusiko lolo.

Baphathana ngekuvana njalo neninatala nemshakazi. Ninatala waba nesineke nesihutu sekudamane exoxela mshakazi tinjaba netinjala tekuhlala kwebanu enjulo. Njengoba yena wayewumdlunkulu ngesihathi saCetshwayo. Naye nabajala bahe babeye bamtshele tinjaba netinjala kute kofika esikhathini saShaka.

Mshakazi yena, leno wayijabulela kabi. Wayeseyibalela belungu bahe, wathi bayayithanja belungu bahe (Hulumeni). Wayesabale,
33 kwabuya mklomelo. Wayesabale kwabuya mklomelo. Wayesabale, kwabuya mklomelo. Hhame! Nawo uhlola! Belungu kani bayayithanja lenjaba yebanu bo.

Kuthi mangabe kufike mkhlomelo njena, mshakazi athenge inyama netiwa nematiye netino tohe netimnanje athengele ninatala. Badle. Tiphume tinjaba, ngoba atipheli.

Leno yejeka, yejeka, wayesebuye eyivala hulumeni lo wasePitoli (Government Ethnologist). Wathi, ke, ngelivi lahe sengathi matisha angeyeka sokwenele kwalesihashana.

Uthe ekweda loku wayese tholele kokuthi kani mshakazi wenjomane lona wati silala netinjaba tesifatana. Wayesembalela inqwaji emtshela kokuthi yena angachubeka abale. Miklomelo utohlela lisu lekumtholela yona esikhwameni nesimwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

33 Naye, ke, lomshakazi sewadlebeleka, nje, ngekubala. Ngoba leno yahe ave eyithanja sengathi yisalukwati, munu ehlala ebala ehuluma tinjaba tinjulo.

Loninatala, usebedi wahe waba yikuhlala ehaya netingane apheke badle. Umshakazi waye funjisa. Avuke aphoke ayambe. Abuye edla lokuphekwe wunina aba sepheka kwemashona. Mnumtane yena wabasoba masimu. Athi laha ebanjwa hona yiluhula athathe luhlamvu afake banu balukhiphe.

34 Losebedi, kwehlukana kwawo wabaphatha kahle, wabenelisa bohe. Bahlala kahle ngempela kulomuti, nganokuhulu kuvana loku, netingane tabo futhi tahlala kahle. Kwaba wumuti wetihlidiyo netivanayo. Kwaba wukuthula. Kwaba hona sithudi kulabanu kulomuti wabo.

Loninatala wate waba wumunu, nje, nomjata. Kojwa epheka emwini njalo aphoke ino nayatiyo kokuthi itothanjwa yitingane tahe. Kuthi laha tihlangana hona tidle tijabule.

Kuthe nga October, 1942, loku mzukulu wahe welitibulo, John Mhlongo, ufunja Standard Seven eAdams, yise nenina bambalela inowaji bemthumelela imali bethi ate atithengele tino angabuyi. Atange ayithole lenqwaji. Wakhwela weta ehaya. Kani kohe kusanganiswa wuMvelinqangi. Wejela kokuba ufwana atovalelisa ninahulu.

Wafike wambungata. Wamupha tiki wathi athenge ino nayi thanjayo adle. Wathi aphekolwe uphako weyuku nemacanja ayo nabatata nemawolintshi nabanana nemakhekhi. Nina wakweda. Waxhawula kuninahulu. Wathi ute ube yinjoda fwana ucinise muti weyihlo ngoba ufunjela loko.

Kusukela kulolosuku mshakati lona wafikelwa wukutimisela
35 kokuthi njengoba uvuka kahulu yena eyopheka, kuhle anele kuvu ka njena aye kothanjata kuninatala. Kuthi noma sokuyolalwa kugqine yena aye kothanjata kuninatala. Leno yamwenelisa, ngoba wasuke wafikelwa yikuthi kojwa angamuphani ninatala lona nomthanja kangaka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

35 Kojwa kohe loku kwedeka, nje, aguli ninatala. Uyaphila nje. Wayeseloku eba nekhuba wekuba abe muhle kahulu. Abe mofu athi thu agcoke kahle, egcoka tingubo tahe natithungelwa wulomshakazi wekhwakhe. Agcoke abe muhle.

Abe yiloku ehuluma ngekweluleka enombatanyaneni nelama John. Inemumwaka ne sishiyagalolumwe. Athi funja kunyoko upheke ufunje. Mina inombatana yami yapheka iyinqane. Babe yiloku bethi majojo wahlupha ingane wayiphekisa ayisatholi nakutivakashela nayo, ke, ibonwe yibanu. Kani ngiyayisita ingane yami. Hhake ubeke, ke. Nohla ngakube uyahlupheka. Utele tingane netingaka njena netiyisishiyagalolumwe nje, eveli. Upheka kushe mifula. Nawe kuhle ufunje ucinishe kunyoko yihona uyoba wumunu.

Abe seloku enekuhuluma kwekuconjisa kumshakazi ma bexoxa njena. Athi uyabona, nanami, ubomshaya zincane lona ahlakaniphe
36 apheke. Kojwa njaba ungamshayi yena ngoba yingane.

Kute kuthi mangabe John eganwa ute ungaqabangi kwekuthi uyofwana nawe. Ukute nihlale kahle njalo, ute umnike isimu yahe efika. Alime. Kube hona masimu ekhwakho nesimu yahe. Apheke nihlangane ngekudla. Uyobona, ke. Nohlala kahle njalo.

Uthe mhlange etoyamba kusasa, kwafika Mamsabala, mahelwane. Wafike wathi kuyena, ene, ake ungiphe macanja abe yisi thupha ke ngede makhekhi.

Utongedela mshakati, litisha lami ngidle makhekhi ngivalelise. Athi MaMsabala, ene, wuya ngaye salukwati? Athi yena Nohlupheka, ene, ngiya eZulwini. Athi MaMsabala woyamba nini? Athi yena, ene, ngoyamba kusasa. Athi Mamsabala ene, awu! Salukwati, wanqokola ngeno nembi ungevi ugula? Athi yena salukwati, ene, Phela hhave kuyibanu bohe nabafihlelwayo lilanga. Kuhlekwe njena, ngoba phela bahleli njena bohe banwanwa. Kuphiliwe. Akuho munu nogulayo. NaSalukwati lona wumunu njena wekutinqokolela njena.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

36 Sekuyasa futhi ngeMsombuluko ngamdlange etoyamba kusihlwa makhoza.

37 Hhabe, njalo wayenenjodakati iyimwe. Lenjodakati yelama yise waJohn Bekisibusiso. Lenjodakati, ene, hhave yahe kuba yena ahe laha eMjaha ngakasi kweNgqwanguba, nje, yona yahe ngakasi lahaya eNtshambili. Live limwe lehlukene nge tifunja. Ngoba kufike kube hona eMjaha, nakeMlwandle. Kube hona kaBayela. Kube hona oBukwini, kube hona eNtshambili.

Jadewabo ke, yena wayahe eNtshambili. Ngoku, ke, unetingane netiyilithoba ngoba phela makhosi aye abangqwe. Unelikhosi limwe ngako, ke, tingane tahe tiyilithoba ngoba alibahwa likhosi. Inombi yelitibulo isagqagqile njena.

Uyafika, ke, maMhlongo, nganolumwe lusuku. Uyamba nenjodakati yahe, mzukulu waMakhoza. Usenjile, kojwa akobi nanwanwa. Uyamba nayo, ke, inombi lena newunzukulu, batoyambela ninalume.

Bafiqa mshakati uyatshala utshala majumbi. Bafike bathathe mageja bamtshalise. Atshale aceje sohe sijumbi leso mshakati nenjodakati nemzukulu, babuye baye ehaya kukhehlekati, bayodla. Bayadla, ke, Khehlekati yena ene uthi kusasa anoke nitheleke esimwini ekhwami. Keniye kongitshalela nami, ngitoniphekela lijili. Ngonithengela inyama netiwa nidle nesuthe.

38 Yale injodakati ithi, ene, ngeke ngite kulelo jili, nemzukulu naye futhi ale. Abe sephenjula, ke, Khehlekati athi yena ene, angihathali, uhona nanami Mangubo, utongitshalela, nina bengithi niyathanja kokuba nginejele lijili, bathi, ene, hhayi asinasihathi sisabambekile nathilaha, sibambeke hona.

Ibe seyiyaphela, ke, leyo njaba. Badle qede bayambe. Uthe efika ehaya maMhlongo wayecutshulwa yisisu. Samgulisa lisonta lohe. Kani uyabikelwa, kojwa Khehlekati aguli uyatiyambela nje njengakemihleni.

Kuthe ngemsombuluko, lilanga nayamba ngalo, wativukela nje, engenalutho, njengakemihleni. Malokatana yena wakhandeka ngempela. Wavuka njena edangele, kwala noma athi siki, wehla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

38 waya hona ekuseni ngeluvivi. Waya kuninatala, ngoba wayesekwede usebedi wahe, njena, kokuthi yena ngoba uvuka kahulu, utovuka ngeluvivi aye kothanjata kuninatala. Abe sephuma, ke, eyopheka kudla kwake kuseni aphake badle. Abe seya esikoleni, ngoba wabe eyilitishela.

Nangempela, ke, waya wathanjata wayesephuma, epheka, ephaka. Badla, wayamba waya esikoleni.

Wathi eyamba emtini wahe wayetshele unyeni wahe kokuthi
39 bate bangamubeki ngekuphuma kwesikole, ngoba usayoke aphume alanje bontshisi wahe nabewuthenge kuMaludladla, ufati wambulawa Qele.

Nangempela, ke, saphuma sikole. Wathi uyayamba mshakazi kwala, kwathi akaye ekhwakhe. Angayi kaMbulawa. Nangempela, ke, waconja ekhwakhe. Wayivumela ihlidiyo leyo. Wafika kuyiloku utimba ushonele kasi. Atange ahumule nakuhumula. Wafika ceje waconja hona ekhwabo, wangena, wahlala.

Ninatala wathi, ene, "Sewufikile nanami?" Wathi yena, ene, "Ewene, sengifikile, mana". Wayesethi, ene, thatha nako kudla kwaho laho etulu udle. Wayesethula batata nophekiweyo, wadla. Kaje uphekwa wuyena ninatala, ngesihathi Mshakazi eyambile.

Uyadla, ke, Mshakazi, behleli naninatala. Uyakhuluma, ke, Mshakazi, uthi, ene, "Bengithi ngitophuma ceje esikoleni ngiye kaMbulawa Qele. Ngabuye ngayeka ngoba ngibona songathi litonetha. Bengithi ngitolanja imbewu yami yabontshisi nengangeyithenge hona". Abe sethi ninatala, "Yamba nanami, ngeke linethe. Yambela mina ufike ungihodele kuMaludladla. Kwakuwumngani wami nomhulu lowo. Ufike uthi ngithe kuhle angiphe ino nayidlayo. Futhi mina ngangiwumngani nomhulu weninatala, ube sewungiqelela nakudlayo".

40 Wayamba, ke, malokatana. Wabafiqa ehaya bobobili boMaludladla bena Mbulawa, bambingelela wavuma. Wabuta, ke, Mbulawa kokuthi ute ngenjaba yabontshisi yini, avume. Abe sengenisa injaba lena yenina ethi, ene, "mana uthe ngite . ngimhodele kuwena. Isho ku Maludladla. Athi yena, ene mana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

40 uthe ngimkhodele kuwena ceje ngimqelele nokudlayo.

Abe sephenjula Maludladla yena ethi, ene, "Ngineliqala ngoba angitange ngiye kobona lesisalukwati. Siwumngani wami nomhulu. Futhi sasiwumngani wamametala engakofi. Kwathi sekwenja inombiyami, hhave sake sangijabulisa yemajoda! Sayiqimelisa ngemi shanyelo nemibili yengongoni neyelukwe kahle. Kwathi nakesigqawini inombi yami seyibeka kwaphuma lemishanyelo ceje, banu abakhohlwanga bebona mishanyelo imihle. Loku phela laha ekhwethu kulelive, siye sigxobe mishanyelo yelisunju. Kwathi laha unanami esehipha lehlobo yalemishanyelo, banu bancanywa.

Futhi wabuye wangipha sithebe sahe nesilobwe kahle yini pho! Loku thina laha edasi siyateluka nje tithebe. Yena wase luka wasiyala. Wakhipha bucikwe bwahe lobwesabekayo. Wasiloba wasiloba, saba sihle sababatisa.

Usengijumatile, ke, ngoba yena uthe kokuba aphele mandla
41 ekuyamba, tinjaba tekuguga, nami mina mngani wahe, angabe ngisamvakashela. Ngabe sengibonakalisa kahle kwekuthi kani wuyena nowayengithanja ngantlanye. Ngoba sasibonana naye esatiyambela.

Ngoku, ke, ngitokwedenjani? Ngingamnika kudla kuni? Loku nembila ngeke wamsita ngalutho. Nabatata angeke amsita nga lutho. Wayesengena endlini. Efike ekha bontshisi wahe noyilisunju. Wanika yena Mshakati wathi, ene, kuhle ate afike anike yena ninatala akhodele Maludladla ngawo kuyena.

Wathi kokuba amnike, amtshele mavi ninatala, wejabula wajela. Wawuthatha wawubuka lobontshisi. Wayesethi ene, hhawu! Ngiyabonga nanami. Lobontshisi wami utotshalwa lahaya esimwini yami laha ngi tshala hona bontshisi.

Badla, ke, kudla kwakusihlwa. Wayesethi ninatala kuMshakazi kuhle amfujumetele madi utogeta utimba eselala.

Kwaba yilaha kaje kufike tingane tenjodakati. Wabuta kutona kokuthi nina usenjani, loku wayesenelisonta lohe ekhwelwe yisisu. Tatshi tingane, ene, usesinjile nina. Wayesethi ninahulu ene,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

41 nimtshele kokuthi ngi yejabula mangabe esephilile. Kuhle aphile
42 yena kuguge mina. Wayesethi atisukele litinyane leyuku etipha lona.

Kuthe kusenjalo, tomotamamsabala lona nowayeqele kuyena macanja ngelisonta tatheleka esibontshisini. Wayesetibona Mshakazi, ebabata. Uthe esagijima eya kotecela, wayesephuma ninatala enika ingane yenjodakati luboko lwahe ethi ayigijime iye koshayisa Mshakati tomo.

Watikhipha, watiyisa hona kaMamsabala. Wafike wababata. Nabo bethuka ngoba bebengaboni kokuthi kani tomo titojwa. Ufwana ayanga kutona. Utivulele ceje watijejela, yena wabuya watotidlalela ngemva kwentdlu.

Sekuthi kokuba kufika Mshakati ebabata, eta netomo, seku yihona ethathela ufwana ebaleka emba kwendlu. Yise welwana naye sekuyihona ethuketa kokuthi kani bahleli endlini, nje, tomo ateluswe mumu. Basebebonga, ke, nabo, ngoba bona bebengati, kokuthi kani tomo leti titojwa.

Wayesebuyela emuva, ke, Mshakati efika emtshela ninatala kokuthi bebekaje bengati kokuthi kani ufwana lona wekwelusa atange aye kokwelusa, ulibele yikudlala ngemva kwe ndlu. Bathe kokuba beve, base bemshaya ufwana, wayesetelusa tomo leto. Wejabula, ke, weneliswa ninatala. Ngoba kudla akufuni kubukelwa
43 netomo.

Mangabe sekudliwe, ke, waye sephuma kucala ninatala eya laha elala hona. Ushiye ethe Mshakati akamlethele madi lafujumeleyo agete utimba wahe. Wawayisa nangempela. Wageta wathi ju.

Wayesebuye engena nelitiye Mshakazi. Loku phela ubeshiye engaliphuzanga, cha, afike alibonge. Abe semnika madi Mshakazi ethi funa amcumbise. Usegete usemuhle uyacwebetela. Kojwa aguli njawo.

Mshakati, loku wayeyiliholwa, abe sethi yena, ene, ake sethandalate. Abe sehlabelela athanjalate. Athi laha eceja, naye ninatala acale nelimwe liqulo leli nelithi:-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

43 Yosi ngawo musa waho
Bona muphefumlo wami
Ngigucile ngembili kwaho,
Susa tohe tono tami.

Chorus:
Susa tohe tono tami
Susa tohe tono tami.
Ngigucile ngembili kwaho,
Susa tohe tono tami.

2

Bawo kaje ngejukile!
Ngingalati liqala lami.
Etonyweni ngangifile,
Susa tohe tono tami.

Chorus.

3

Ngimuvile Musinjisi
Nowethwala liqala lami.
Ngijiniwe ngibuyise
Susa tohe tono tami.

Chorus.

44 4

Jesu ngibuyela kuwe
Nabo bohe bubi bami,
Ngamukele ngemusa waho,
Susa tohe tono tami.

Chorus.

Liphele ceje leliqulo abe sethanjalata naye. Aceje, bavuke, abe sehuluma. Athi yena, ene, "Mshakati muhle lomthandalato waho nolo utoweja laha endlini. Ngifuna mangabe iyosi ingisite. Isuse tohe tono tami. Ngoba angifuni neliqashati lesono kumina. Ngifuna, ene, ngithi nangamdlange iYosi yami ingilanjile, ngifwane ngitiyambele, nje, kahle. Ngingabe ngihlupha tingane tami".

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

44 Mshakati abe neluvela. Abe semtiba futhi athi yena ninatala kuNombikati, "Nombikati, phuta litiye leli". Nombikati alibale yikulungisa tingubo tahe emgibeni. Athi yena ene, "Phuta, phuta, Nombikati". Abe sethi yena Nombikati Hhawu khulu, ufuna kusebedisa sikiki yini? Abe sehleka kahulu athi chabo! Ngitokwejani ngesikiki emwini loku? Benginani loku ngingathi mangabe ngiphiswa ngiphume. Inganti ngesihathi ngisilwe yincola ngahlada lujenda lwelubende. Bangethwala bananami ngesihlibi. Ngafika ehaya, ceje, bangiphudisa mcukuco boMshakazi laba bathi ene angi phumele ecubeni. Ngathula, nje, Waphuma uthi esuku ngawuhipha, nje, ngaceja. Uthe kokuba uphume uphele, kwabonwa wumina kokuthi sokusile. Ngavuka
45 ngawubutha ucuba ngawuchitha kuje, ngatihlalela. Nohla, ke, benginani laha ngingate ngiyeke kuphumela enyango?"

Hhayi, ke, babuye bahleke. Abuye endlale aceje. Akhumule takehaya agcoke tingubo tangakasi netintsha, tekuyamba, ngoba phela usetigetele utimba wahe wawuthi ju. Uyesuka laho ucoca tingubo tahe leti nabekaje etigcokile, takehaya. Uyatibopha utibeka kahle abuye athathe tingubo tahe tekulala, ambathe ngoku.

Mshakazi yena uhleli nje, uphelelwe yisineke. Ubukele. Sengathi ihlidiyo yahe iyamlahla. Abe sethi ninatala, ene, "Awu! nanami, usalinjeni, loku usebedi waho usuwucejile njena? Tingane tembeswa wubani? Yamba uye kolalisa tingane".

Kube sekusheshe kufike mconjo kuMshakati, wekuthi, ene, makube sikiki. Wencene yena yini ngoba engumunu wemtini. Lomconjo umwede alalele masinyane lekusho kwenina ethi, ene, wena usalinjeni, Mshakati loku usebedi waho usuwedile njena, yamba uyokwembesa tingane ngoba nathi sesiyalala. Abe sesukuma Mshakati ngetimba nomuje. Athi ene, "Awu mana, sengathi ningalala kahle. Nkulunkulu alale nani." Aphenjule ninatala, athi, "Yebo nanami yamba uyolala kahle netingane. Nkulunkulu utolala
46 nami". Abe sephuma, ke, Mshakati, eya ekhwakhe, elawini ngentla.

Mangabe efika laha elawini, ufiqa unyeni wahe engakolali,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

46 Uhleli ubuthe netingane netimbili netingane, netelamanayo, bo Ntombeyinqane naNdabazabantu. Njabatebamu unemimwaka nemithathu, uphethe wesine. Welama zincane.

Mangabe nina efika laha ngehla elawini, afike ahlale, nje, aphelelwe yisineke. Amgolombe zincane. Athi yena, ene, yini mana, ulungeleni kangaka nohla? Watithulela njena, wa hlalisa okweMshakati, eshi! Mame! Usachenya? Abe sethi yise, "Eshi usahumbule ngamdlange sishaza. Ake ngohlala ejute kwahe, ke ngi bone kokuthi angeke ahleke yini". Bamgcone bamgcone nenombi yahe. Behleka bona ngoba bemdlalisa. Kojwa angabaphenjuli athi kokuba abone kokuthi balwa nelisu lekumhlekisa, abe sesukuma. Angahleki.

Athathe ushanyelo ashanyele, abe sendlalela Zincane. Athi "Wota Zincane ngikulalise, ngikwembese". Athi Zincane, "Hhayi, angoteli. Sisahleli nabawo". Abe seleka tingubo nina, athi sewuyotembesa ke nombi. Athi Zincane kulungile mana ngongena engubweni mangabe se ngotela ngoba sowuyelekile.

47 Nina abe sendlalela yisaboZincane, aceje. Abe setendlalela yena naNjaba. Abe sethatha njaba, sebelala. Alale engahumulile. Abe yathe njaba, "hhake uveze ncence mana," njengakemihleni, pha, asuke nina athi yena, ene, "hhayi, ncence ukuje nohla ufihiwe yitingubo". Kwatise, ke, kwekuthi sekukhahlamete buthongo kuNjaba. Abe selala.

Mangabe unwanwa lelele, nanina nawu ulele nangane. Uyabalisa ngehlidiyo. Azame kuthanjalata ngehlidiyo, loku wayeyi liholwa, athi ene, "Hhawau! Yosi? Kwejenjani? Yini nengeho? Kojwa yini lena nongifihlele yona? Kojwa yini lengeho nekungathi ungifihlele yona yosi?"

Uphelele hona laho lowo mthanjalato wahe.

Babuye balale, ke, boNombinetingane beneyise. Athi esaya kasi Zincane, abe sehonqa. Yise yena alale. Ake aqube, nje, loku phela niyati munu nomjala uke acube kucala, mangabe elala. Kube yihona buthi lelele. Kube yihona elalayo. Ingane yona yaliwa yikuya kasi, nje, ibe seyihonqa..

Yise ke, walala. Kuthe la sebuthi lelele, beva, "Nqonqonqo,"

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

47 enyango. "Wubani?" Kusho yise. "Yithina", kusho boNtombikazi, nabalala nakhulu. "Khulu uthi, ene, ake nifike kuyena, ihlidiyo yahe ithanja kwemuka".

Babe sebephangelana enyango, ke, loku bebelele begookile.

48 Bathi laha bengena kahulu, kuyamba Mshakati ngembili. Kube sekufika mconjo kuMshakazi wekuthi ku tothi bengena ke baguce kucala ejute kwahe ake athanjalate kucala kanje bavuke, ke, ke babute kwekuthi kunjani hulu na?

Nempela awuvule unyango lona. Bangene. Bafike baguce, athanjalate Mshakazi, unyeni yena uloku ethi, "Yemeni" ngoba phela maholwa ayeye enanelane kanjalo mangabe ethanjalata. Athanjalate, ke, Mshakati, loku bangene elele, nje, enjaweni yahe, elele ngeluhlangothi lwebunxele. Ebeke ngenyango, kuthe laha ethanjalata e phakathi nawo, bamuva ephefumula. Bona baba nengconjo yekuthi usalele njena. Bathanjalata baccja. Bavuka, bahlala, bahleli nje, Mshakati yena uconja kokuthi ninatala usathathekile, usa phumula. Utothi angaphaphama abute kwekuthi, "kunjani mana, na?" Injodana yona iconja kokuthi, "Mana ulele. Utovuka nini ngoba sesivukile emthanjalatweni?" Balinjele sikhashana, bethulile. Bengatshelananga miqabango yabo. Abe sesuka ufwana lona eya kolalela ejute kokuthi uyaphefumula yini. Alalele, alalele, abe setshi, "Mana akasaphefumuli".

Kube sekufika tibinji kubona banwanwa laba. Tithi gidi. Kuphele tinyembeti dwa. Bamlalise kahle, bahlale, babuye

49 bathanjalate futhi. Abe sephuma ufwana etshela bahelwane bahe. Bafike. Kube sengathi yinganekwane, ngoba lomunu atange ake agule alale kasi nanolulojwa lusuku lolu. Bababate bahelwane nabo bahlale kasi. Kuhlabelelwe. Kuthanjalatwe.

Kuthe laha kumonjotayomo, ufwana wathumela Khekhekhe, mahelwane. Wayambe ebabikela hohe nabayitihlobo. Ngoba ngekhathi kwetihlobo kwabe ku hona injodakati neyenjela kaThango Lenjodakati inenombatana nebeseyimelwe kojwa ingakoyi emtini.

Bafika, batigingqa batigingqa behala. Bebukuteka, ngeligugu labo libashiye bengalinjele. Ingane lena yona ikhala ithi,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

49 "Hhawu! Kati ngi toba yini mina, Hhulu wangishiya ngingakoyi emtini! Hhawu! Ngitoba yini mina kababaU Bahale bagingqike benemkamalumahe! Naye etihalela etshi. Hhawu! Ngitoba yini! Ngafiqwa yibujala ngingati! Ngitotenjenjani tingane tengane yekhwethu! Yona ngitoyenjenjani ingane yekhwethu, nami ngiyinane nemwe! Maye babo!" Bahale bahale bebalisa. Babuye babambe tibinji bathule.

Sebeyafika, ke, banu bohe laba bababata, molokatana useginge libwe, nje. Usebalanjisa, nje, naye kokuthi hhagulanga. Ufwane wayamba njena. Bababate banu bethi kati utoba yini ngane yaNgubo!` Loku bowutifunjisela ungenceni lutho!' Ushiye munu ehaya! Namhlongo atiyambele angenceni lutho enomunu ehaya!

Bangene njalo bahlobo bababate bathi, "Wate wakubona
50 nokuhulu nanaNgubo! Wasala elubala! Washiywa yiligugu laho nelingaka! Lakushiya lingasagulanga nanelilanga njena nelilojwa!

Babe sebemyala! Bemyalela hona etulu kwesijumbu. Bethi, "Nabo, ke, bujala mangubo. Laha emtini waMhlongo bekuwumuti webamu. Ngoko ubehleka. Bekungaphumi munu elambile. Ubetigodle ekhwapheni tingane taho. Ubencosula nanokunqane anike mahelwane. Nayo, ke, injodakati yekhwenu, nato, ke, tingane tenjodakati yekhwenu! Labamu bebenqibilikile beta ekhwakho kuhona nyoko. Beholwa yisandla sahe.

Nohlanje, letingane tohe titohala tigxothwa yisandla saho nesitofinyela, sigodle kudla. Baphele nya bamu laha kaMhlongo! Begxothwa yilulaka lwaho lwemona. Wencene songathi banu batofike baceje likoyi laho, kani ngeke". Banyala bamyala Mshakati. Kube kusangene lowo, amyale. Kube kusangene lowo, amyale. Kube kusangene lowo, amyale.

Bate baceja kulungisa indlu yahe. Wamgeta molokatana wambathisa wamthisa ju. Wamthungela nesigcoko sahe nesihlophe wabe sehipha lishidi lahe nelisha bakwethu, nelihlophe, emwembesa ngalo. Esemweleka ngengubo yahe, yebunumtane. Ngoba phela khehlekati wuyena mnumtane wehaya. Unengubo yahe naye avuke ngayo, nje, aphumele enyango ekuseni. Leyo ngubo ifwanele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

A3/27

51 ibonwe ngamdlange eyambayo. Banu babone kokuthi kani khehlekati lona ubenayo ingubo yahe. Ibimphethe kahle injodana. Ibimwembathisa.

Wayesebuye emwembesa, ke, ngendwangu nehlophe ngetulu kwengubo leyo. Sekungena tingane tebanwanwa bahe bobabili, kamwe netingane tebahelwane tafike tema. Wesukuma ninalona, Mshakati Watihombisa wathi, "Bonanini nawu hulu! Liqala lisilahlile. Useyambile. Kojwa ningayeki kuta laha ehaya nibe senithi hulu amuho. Ngihona mina. Anojwayela laha ehaya njengoba benejwayele".

Kwase kuthanjalatwa. Sebemthatha, ke, bemyambisa bemusa emtini wahe laha beyomtshala hona. Wafike weda naye mfunjisi ngekweda kwahe. Bawusebeda usebedi babuya.

Bafika efuleni. Timadi tamyala Mshakati kwekuthi utogeta njalo utimba ekuseni kusemnyamana. Athele athele madi etimbeni, angabucungi. Kote kuphele sihathi sekutila kwahe. Abe sehuphuka nemadi. Apheke.

Kwasa, tafika tiboni. Tinjwenjwe ngetinjwenjwe. Titohala tibabata kokuthi udliwa yini Makhoza engagulanga. Abe selanja Mshakati ebalanjisa.

Kwase kufika yena unanenjo dakati lona, zikhonjwaphi. Esetothelelwa amadi. Ngoba phela naye uyiyosatana ekhwabo. Kani futhi usenjile.

Wafika bekhedamisile Mshakati nenyeni wahe. Abate
52 bambingelela. Kwase kusuka yena Mhlongo. Wayesethatha sigobongo nesijala, wahlephula lugebeti lwaso. Wathatha siqunga wasihluba wasigandela ekhathi, wa thela ekhathi.

Ngoku, ke, wayinika sicunga kokuba ihlafune inombatana ikhwife etandleni, yase yikhangeta. Wathela madi Mhlongo. Yehlukanisa tandla, achithekela kasi, waphinja wathela futhi, yase iwakhangeta, ke, igeta tandla nebuso. Kube yihona seyingena ke, kumka ninalume.

Naye, ke, usethula. Sekungena yena ninalume. Ephethe iyuku. Useyinika inombatana. Ethi, yona kokuba ukudle kudla kwalaha ehaya. Iyithathe, ke, inombatana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

52 Abe sehuluma, ke, mkaninalume, ethi, "Wo! Selisilahlile, ke, liqala, nanejadewetshu. Utibonele ke, kokuthi nyokuhulu simlahlile izolo. Ungasho kokuthi amseho nyokohulu, ube sewuyeka kuta laha ehaya. Ngihona mina. Yeja njengoba beweda ute kumina. Noma uthanja noni kumina ungangesabi, ngihona mina esihundleni senyokohulu.

Abe sesukuma, ke, ephaka kudla bedla. Ibuye iyambe, ke, inombi yenjodakati.

Kuyasa kufika yona injodakati. Ayithelele nayo madi. Ayinike iyuku yekudla kudla. Ifike nayo kumkamnewabo. Ahulume
53 wona mavi lafana nalawahulume kuzihonjwaphi, esho kona kwekuthi, ene, "Sesisele elubala, ke, ngane yekhwethu. Utibonele izolo. Ute ungasho, ke, kwekuthi sekuphelile kuba nelihaya lekhwemu, ngoba sekuyambe mana. Ute ute ngoba ngihona mina, noma uxakwe yini, ute kumina noba ulambile, ngihona mina. Nabanwanwa bete njengoba bebeta kuninahulu, ngoba ngihona mina". Abe sephaka kudla, ke, bedla. Ihlalahlale, ke, injodakati, ibe seyiyamba.

Kwase kuphela tisuku leto tekuzila, besalala hona endlini yenina laha ayambela hona, nebanu bekutobona, beloku befika babafiqe hona.

Kuthe kokuba kuphele leto tisuku, sebesinjile, baphumela emagejeni balima, bahlakula njalo basebede bebuyela hona ekhwakhe. Bate bathola imbuti, yancumwa. Yaphekwa, kwaphekwa kudla futhi. Kwabitwa banu nababesebeda ngelilanga lekungqwaba salukati lesi. Bafika, kwadliwa kwathiwa ju. Kwase kuphaqulwa tandla ngemswani, wase wusakatwa esibayeni. Loko, ke, kusho kokuthi sebegete tandla. Sebengaphuma ba hlangane nebanu. Bawususile mswazi wekufa etandleni tabo, bawuhiphe ngekuhlaba liwundlu leli ladliwa bageta tandla ngemswani walo.

Nabo, ke, lucobo lwabo sebengahlangana. Injoda nemkayo.
54 Ususukile mnyama wekufa. Setiphelile tisuku tekutila, ngalayo ndlela.

Kojwa kusayophela mwaka kutiliwe. Mangabe efe ehlobo, kote kube yinelimwe lihlobo, banu nabafelweyo bengamemeti. Besebeda bengahleli yihona bengeke babe nebuvila egatini labo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

54 Kudla kungaphumi ehaya kufiwe ngoba funa kuyambe njalo.

Ngoku, ke, Mangabe sekufike sihathi leso nafa ngaso lowo nongaseho, sekwediwa lijili. Kuhlabwe iyabi, kuphekwe kudla. Kumemwe banu, kudliwe lijili nelihulu.

Banu, ke, bedle baxokotele ehaya kuphutwe nelijiki besuthe banu. Babonge bayambe.

Loko kweda kuletha sibusiso ehaya. Kube sekuyekwa, ke, ku tila ngoba sesiphelile sihathi sekutila ngoku. Nesithudi sekufa sesisukile kubona. Sebengahlanganyela nebanu etinyweni tohe netediwayo. Aliseho lishwa ngoba bayambise kwelisiko lebanu neliye lejiwe mangabe kufe munu ehaya.

Nitongixolela mangabe ngibala lenjaba ngalokufa kwanoHlupheka. Lomunu wumunu nomjala lowayebuthwe ewumdlunkulu kaCetshwayo. Kojwa waphila impilo nehladeke ngesimangaliso. Wayengalali kasi. Wate wafa nematinyo ahe. Edla dobe engehlukani nato. Matinyo ahe ehlala emhlophe.

55 Ino mangabe uyifisa ngehlidiyo uyayeda. Ihlidiyo yaho mangabe yenyanya mikhuba nemibi, uye ungayedi wena. Kuthi esikhundleni sekuba weje mihuba nemihle. Kuthi ekhathi kwebanu bebabi, wena ube yiloku ulungile njena.

Mangabe unelivuso lekuthi sengathi ungathi ngamdlange ufayo, ufe kahle, uye ucale ngaleso sikhathi kokuba uphile kahle ehlidiyweni yaho. Wenyanye tohe tino netingakweja ufe kambi. Ngako, ke, yikona mina ngithi kufa kufwana nekuphila.

Hhake ubeke, ke, salukwati, sabuka, sabuka, sibuka banu ngebanu befa, satihlukanisela. Sasho kwekuthi, ene, sona sifisa sona, kokuthi singathi mangabe sesitiyambela, site singaloku sihluphana nebanwanwa baso. Simane sitiyambele, nje.

Nempela sathi hona ekuphileni kwaso, saba yilusido kubananaso. Asitange sibahluphe sisayamba. Esikhundleni sekuba sibahluphe, sasibasita kahulu. Kwathi na ngamdlange sesibitwa, sanikwa kufisa kwaso. Samane sayamba, njena, singasalalanga kasi. Yohe ino yaso sayihuluma sisaphila. Asate

56 sagula, nje, nete. Samane salala siphila. Kwathi ebusuku sayamba. Yikona, ke, loko nokungeda ngithi, ene, kufa kwefwana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

56 nekuphila.

Salukwati lesi, Nohlupheka lengibale ngaso laha, kwakuwumametala. Mshakati lo, lebengihuluma ngaye, wumina. Ngako, ke, nixole kahulu. Siyambile salukwati. Misebedi yaso yayingandile. Ngisuswe yihlidiyo yaso kuba ke, ngibale ngekufa lengikubonileyo. Kufa kwasimte kwafwana nekuphila mavi nabewahuluma eyamba edeka ohe nangamdlange efa.

Sikhathi.

Sikhathi kubanu nabamnyama sibalwa ngebusika nelihlobo. Kuyalimwa kuvunwe ceje, kuthiwe kuhlangene umwaka.

Inyanga ibaliwa ngesigaxa lesi nesiketulu. Kuthiwe yethwese. Kuthiwe ihlangene. Kuthiwe ihlephukile. Kuthiwe ihlephukile. Kuthiwe ifile.

Tisuku telisonta tikalwa ngekuthi wumsombuluko wekucala, wumsombuluko wesibili, wumsombuluko wesithathu, wumsombuluko wesine wumsombuluko wesihlanu. Kube sekuthi mangabe tisuku setisombuluke taceja sandla, kube seyiphelile misombuluko yeli
57 sonta. Kwecelwe kulesandla sangahlamwe. Sithupha saso kuthiwe yimgqibelo. Munwe weku khomba kuthiwe yilisonta. Sekobuye kuyocalwa kasi futhi emsombulukweni wekucala.

Kute kuphele masonta namathathu misombuluko isombuluka. Kuthi ngaleli lesine ife inyanga. Nemwe ibanse nemwe ingabansi. Njalo, nje, tinyanga tishintshane. Ngekubansa nekungabansi.

Lusuku lona lukalwe nge kuphuma kwelilanga. Nangesikhathi sekuphuma kwalo lite lishone, kube yilusuku. Ngesikhathi kuhlwile kute kuse, kube yilusuku nebusuku balo. Kwakuyamba kanjalo, ke, kuyamba kwetihatshi.

Munu nesihatshi.

Munu nomya ma, ngemvelo, uyilivila, mangabe ewowesilisa. Ngoba ufwana engakobi yisiva wayeye eluse tomo. Mangabe seyisiva, ke, utokweshela, asenge, atingele. Abe sehloniphwa, ke, ehaya. Ngoba phela nenina uyati kokuthi usenesiva. Neyise futhi usetomhlonipha. Naye atihlele ngakasi kweyise, ayambe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

57 naye mangabe beyotingela. Amthume mangabe kuhona indlela nabefuna iyambwe. Ahlale naye ehaya babuthe, baxoxe. Kani yise akuyena munu noxoxa netingane. Adle naye roma esedla. Ngekwedenje, uyamhlonipha.

58 Lofwana utokweshela eshele abe seganwa egqagqa. Abe seba yinjoda. Mangabe seyinjoda, awuho usebedi natoweda. Utolala, alale, avuke kumnyamana adle imvuka. Abe sethi Mangabe esesuthi aphume nemubalo wahe ayobeka tomo kokuthi tisaphelele yini esibayeni. Abeke netinyawo tebathakathi, netetilwane tebathakathi kwekuthi atange tibe hona yini. Uyesuka laho uya kolala. Kothi sekufujumele lilanga abe sevuka, ke, eya kothamela lilanga. Usethatha lukhambana lwahe uyaphuta Mangabe ebemwedele Mkahe.

Kutothi, ke, Mangabe tomo setibuya ihladane, abuye mkahe atomlungisela kudla. Akuho sebedi nohlala umfasile. Ngoba nabamwe baye bashuke tihumba nabamwe baphehle mafutha ephehlwa. Baye bakwede ligugu, ke, kutingela. Labamwe, ke, babe yitinyanga bayambe belapha.

Ngalendlela, ke, wohe usebedi uthelwa ngetulu kwemunu wesifatana. Ngoba yena alobolwa ngetomo.

Yena utoqatha ngemihono ngeke timlimele tomo. Futhi ngeke imqathise injoda yahe. Kohe kudla nokutodliwa kulomuti yinjaba yefati wahona. Injoda yona ayinanjaba.

59 Ufati utovuka kumnyama apheke aphakele injoda yahe imvuka. Abe seya madi efuleni. Abeke kudla etiko. Ashiye tingane temanombatana tikhwedela. Ayambe liphume lilanga eselima endle. Aqathe aqathe, ate abuyele kuya kolungisela kuphakela mnumtane, ngetihathi tomo tibuya ihladane. Uya fika ehaya, uyashanyela uyabonda uyamphakela yena abe seyothota, ahe nemadi. Asile ngelibwe le mihono, apheke, aphakele mnumtane, kube yihona sekuthola netingane. Wohe usebedi wekumisa kahle sisu, wawediwa wumunu wesifatana. Ufiqe ufati emnqanyanyana, injoda iyisibumuka. Kuthiwe kuhle, ke, loko.

Kwafika belungu. Yaphela injaba yekuthi iyomo ayisebedi. Kwabophelwa tomo kwalimwa ngato masimu. Yaphela injaba yekuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

59 injoda ayisebedi.

Kwachamuka imali. Yaba yiligugu leledlula tomo enjodeni. Belungu bafika nemisebedi nemihulu yojwa yekusebedwa yimajoda athole imali kubelungu.

Bwaqhama, ke, Buvila kumajoda. Akucala ala kusebeda etikwateni, kwate kwaya kolandwa makula endiya atoba wuGilimithi. Kuyiloku kwesukola kuleto tihathi letatiwahululile majoda tapana banu besifatana, isila yebuvila ayitange iphele eGatini lemunu nomnyama.

Uma kuhona injawo nekufwanele kuyiwe kuyona, utothi munu
60 Mangabe sowumbita uthi asiyambe phela, utothi ngiyeta. Ute ubone sekwedlula sihathi nje, eloku ethi ngiyeta, ngiyeta. Ukhwelwe yibuvila losebwakhela emnkantsheni wemathambo nadalwa ngawo.

Athole nosebedi kumlungu asebede, aceje tinyanga netimbili, agojuke, ayophumula ehaya mwaka wohe. Uyafika nalowo sebedi awuseho ku mlungu lowo.

Munu lomnyama utilimata yena. Lesila yekuba umunu wesilisa ngekwemvelo uhululekile, ayipheli kumunu kute kube yinohlanje live selikhanye kangaka.

Sengitoke ngihulume ngaMashezi nowayegane wenjela kamfeka. Enetingane titibili. Wafelwa yinjoda. Ingane yefwana kwaba wuNdilinga. Ingane yenombatana kwaba wuMathihli.

Lingane yenombatana wayifundisa kahle Mashezi. Isuka kasi wa yimela kahle ukuba ihe madi efuleni ibuye ishanyele tibi itichithe etaleni ibuye ichithe unotha, iphembe unilo igete likhadi ipheke tohe tihlobo tekudla nokuphekwa ekhwabo ibuye isile mbila nomadi, nano womileyo, nemabele, nedobe, nelijiki, nayo yohe ino nesilwayo abuye ayinike likhuba iqathe, ihlakule, iphubute, ihlwanyele netimbewu ilime, yede kohe nokwediwa ngelihuba.

Nebuhlalu wayinika wayifunjisa kahle yohe indlela yekulungisa
61 utimba wayo netino tohe tekuwubinqisa ukute ibukeke kahle. Yahula kahle inombatana. Yabonwa nayi tisiva (ngoba Mangabe utiphethe kahle tohe tisiva tigaleleka tehluleke kuwena.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

61 Tiphoxeke Mangabe se wukhombile) yagana, unina eyeluse kahle. Yate yagqagqa kahle kahulu. Yathathwa wumunu noti phethe kahle, kani nayo itiphethe kahle, futhi yihle nakebusweni. Yagqagqela kumunu loyisilomo seyosi. Kwaba yiludumo noluhulu kugqagqa kwaleyo nombatana. NaMashezi watiwa, nje, kokuthi unenombi ngempela. Iyinombi tiphelele.

Ufwana.

Ndilinga welusa, welusa, waphuma etomweni laha esecala bubungwana. Wayeka, ceje, wayesesusa usebedi wekweshela. NaMashezi abe semhlonipha athi "Mfeka". Netomo atabetisalima munu ngoku, ngoba useyilibungu neleshelayo ndilinga, nina wabuyela ekulimeni ngemihono ngoku. Wakhonya ndilinga. Weshela nenina wamhlonipha.

Tamcoma tinombi, wangena exhibeni lekhwabo nombi. Anyobise yise wenombi. Tamcoma buthaphuthaphu. Wanyoba taphela timbuti.

Wayamba ethi uyosebeda kubelungu. Afike tinyangana tibe timbili athathe imayana leyo ayonyoba. Kojwa nina eswele, eswele, eswele kute kube kegatini. Kojwa kube mnandi kumhlonipha athi,
62 "Mfeka". Aloku egabe ngekuthi ngitomwedenjani unwanwa wefwana, ngoba usehulile njena?

Atihohlwe yikuthi uyinanjane. Wuyena nobefwanele afunjise ingane bujoda. Ayeke kuyikhwelisa ehloko kuyena. Yena, ke, wayiyekelela ingane yahe. Yabe seyiqabanga ithi iwumnumtane nje. Kwathi ngesihathi ikhohlakele ngempela, iyilibungu, nina wayitotosa yate ya cina nebuvila bwayo yateka yagqagqa.

Lomunu ngesihathi enemshakati waba yilivila njengemajoda ohe. Wathatha ufati wahe wamweda wasebedisa okwesigqile, ebelethe ingane ehlane. Ethwale inyanja nengesuki kasi enengane ehlana. Aye kolima nengane ehlana ede kohe kohe. Yona injoda ilale nje. Ivuke idle. Ibuye ilale, ilale, ivuke idle. Ingabe isasho nekuthi ayibophele tiyabi, ke, ilime.

Nenina, Mashezi uve esevuna unyana wahe. Egxeka Mshakati ethi yilivila leli. Nina waye ngalifunjisanga. Unanomunu wajaqa wate waba yilugojo, loku wayefike ehuluphele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

62 Mashezi ewufati nowayenefunjiso nehle kangaka, yohe wayifunjisa inombatana. Wamyekelela ufwana wahe. Wathi ufwana asebedi.

Awubeke, ke. Munu lomnyama angaphumelela kanjani? Sive lesinga kosatisi sifatana saso sisekasi. Lenkobo isehona nanohla.
63 Ingconjo yemunu iyasidela sihathi sekufunjisa unwanwa wefwana. Bamyekelele. Kuthiwe useyisiva ngoba useyakwati kuphuma eshele tinombi. Akusafuneki lutho. Basho njalo, nje, ufwana anasebedi natokondla ngawo ufati wahe.

Sihathi futhi munu asigqini kute kube yinohlanje, imvelo yemunu ayimwedi asigqine sihathi. Mangabe ethe utofika ekuseni usho ngabo leveni. Mangabe ethe utofika emwini, usho ntambama. usuke esho kusihlwa.

Kuphela mwaka munu eloku ethi ene, ngitokweja kuthi nekuthi. Kube sekubamba buvila emihonweni, nakemajolweni. Abe seyeka njalo. Kwate kwachamuka siga sekuthi, ene, "Ngita ataleli". Sediwa yikona kokuba munu uyephuta kusukuma. Uyiqabanga ceje ino nehle na ngayeda, kube sekuba hona ligati lebuvila. Abe seloku ethi eya, ngitobuye ngikwede. Sibe sesiyayamba njalo sona sihathi, siphele ino leyo ingediwanga kani bekutoba yino nehle kokuba ngaphane yejiwe leyono.

Majili.

Madili ayeba hona kucali layegqinwa. Mangabe kufe mnumtane, noma yimunu nomhulu ehaya, mahubalo ayedliwa ngeyomo. Kuhlabwe iyomo netoba yisihumba sahe sekumubopha mangabe
64 eseyolahlwa mangabe kufe munu longevi emhulu kahulu njengemnikati muti, mahubalo adliwe ngembuti. Ngoba phela niyati kokuthi mangabe mahubalo edliwa, kuye.kuncumwe silwane leso nesiconjwe ngekuncumwa. Base kuhongotelwa ligati, yilona, ke, ligati lelo neliyohlanga niswa nemahubalo, lishiswe. Kanduba nenyama iphekwe idliwe esedliwe mahubalo.

Loku kwejelwa kokuba kucine majolo, kubanu nabafelweyo. Bathi noma betilile babe bawadla mahubalo. Babe bati kokuthi sekote kufike leso sihathi nayefe ngase, ke, kugaywe lijiki

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

64 kahulu kuhlabwe iyomo, kumemwe banu kutoba yilijili. Kudliwe kuxokotelwe.

Kube yilijili lekumbuyisa kokuba abe yilidloti nelihle lakehaya, ababeke ngemehlo namahle bakehaya, ngoba bembuyisile.

Sekutobe kusafike leso sihathi, ke, kwediwe lijili, kuhlabelwe lidloti kokuba libemise kahle ehaya. Kuthi noma kwedlule nomumwe mwaka bengalejanga lijili, litobonakala lifika ehaya. Lalejwayele kokuba libe yinyoka neyulu, neluhlata. Bathi bethuka bayibone seyigqwele sibaya, kani itoqela kudla.

Seyitosuka, ke, injoda nekuyiyona seyiphethe lihaya, ilithethe lidloti lelo. Iyambe ibula kasi ngenjuku, isho kokuthi,
65 ene, labaphansi basiyambele ngebuhle yini? Nayo iyomo newumbala nowukuthi nesibahlabisa yona. Mangabe ku abaka Mhlongo, usetosho, ke lowomnumtane nothethayo, athi, ene, "Abahlangane bohe boMveli, naboZulu, naboMgabi, naboDlomo nabo bohe benjomane nabakasi badle naku kudla basibusise basiphungele nake mihuhlaneni, basibeke." Athethe, athethe, isuke inyamalale inyoka. Lihlabwe lithole lelo. Lidliwe lijili.

Nelimwe lijili, yingamdlange kuqelwa inombi, ngoba kuye kucale kufike banu noma bebabili nje, betokwethembisa. Bafike bemukelwe. Banikwe lilanga lekutoqela. Kuhlabwe imbuti yekuhlanganisa muti. Mangabe seyitoshaza, iyemuliswa. Kube yilijili nelihulu. Kuphekwe tohe tidlo leti, nelijiki. Kuhlabwe neyabi neyulu. Kufike nebayeni, Mangabe unyeni ecejile kulobola, naye akhelwe ngeyomo ngamdlange kwemula umkabe. Kusinwe likhetho ne mthimba. Kuchathelwane kube njengemjadu, nje, bo.

Kube sekuba yilijili lemjadu. Nakulona kuhlabwa timbuti letijingekayo. Kube sekuhlabwa tomo. Kuphekwe kudla kudliwe kusinwe, kuphudwe nelijiki kube nje. Mshakazi abe timahla, abele banu bemtini timahla nabaphathele tona. Bamngenise
66 ekhwabo, babuyele emuva ehaya.

Kuba hona lijili lekuchambusa. Inombatana mangabe seyihulile iyaye ichambuswe tindlebe. Yejelwe lijili. Kuhlabwe iyomo.

Futhi kuba hona lijili, kuthi inombatana mangabe seyihulile

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

66 (ithombile), inikwe masi kubo ngembuti. K13/27

Kuyambe kwayamba kwafika befunjisi eliveni. Kwejiwa injaba yaJesu. Kwevakala kwekuthi kuhona lusuku lwelijili lekutophela umwaka njalo lejiwe.

Lenjaba yangena kalula ehloko yemunu lomnyama. Wayiva yamlungela injaba yelijili, njengoba naye bekuyiloku ewumunu nowejwayeleyo majili. Kwathi noma kuyilijili lemunu lokuthiwa akakhodwe, akwate kwaba naqala loko.

Kwatisa kokuthi kwakungaqinjetelwe kwekuthi munu akaholwe. Babeloku benqengwa, nje, banu, bengabambwa ngeyani. Kwakulingisa munu, nje, mangabe eshela inombi. Akayimambi ngeyani, uyeshela nje. Mangabe imcoma, imcome. Mangabe imwala imwale nawona mavi ahe lawo labewahulumile nahona, ke, ekushumayeleni kwabo befunjisi bafaka lilungelo lekuba munu atahlukanisele ngehlidiyo yahe. Mangabe immgena lenjaba nabayihulumayo ayicoke, mangabe
67 ingamngeni, batoloku bemnqenga nje.

Njenga Nomkhosi Mqadi. Kubo kwakuke Cabane. Eseyingoduso yemunu. Ebinqa. Ngoku, ke, kwedeka siga lesesabisa banu. Kwachamuka iyanyedi yaba nesila loyisihlekehleke, wathi awuceje sibakabaka. Kwabe kuyahlwe wabonakala losila esibakabakeni. Kwakuyahlwe wabonakala lokhuba weyanyedi.

Banu lababinqayo laha eCabane nakeSihwebeti bafuna Jesi nebefunjisi ngoku. Kwevakala kwekuthi kuhona befunjisi baJesi eFair View. Nesikole semanombatana hona eFair View.

Nomhosi wayegoyile ngaleso sihathi. Washaywa yiluvalo ebona leyanyedi weca waya esikoleni semanombatana. Wafiqa iyosatana yahona. Wayeseqela kokuthi utofuna Jesi usefuna kuholwa. Nempela yejabula iyosatana ithole usebedi newufunayo. Yamshuka unyaba yamhumulisa mabayi, nebuhlalu, nebusengi nayo yohe imvunulo.

Yamgookisa tingubo, wayese ngena esikoleni, wahlala namamwe manombatana. Ngoayemaningi ecile emahaya. Naye Nkosatana wayesecamba likolishi ngawona manombatana lawo layehlabeka ceje yi ntshumayelo abe seta kuyena. Laté lahula laba lihulu leli kolishi kwate kwafunjwa njalo kulona. Late lagqina naku

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

68 Standard Seven. Labuye laphela kwa vuka ti Intermediate Schools.

Lenombatana lengihuluma ngayo yaya elisonteni ngelisonta. Yafiqa bamu besaholwa. Befakata. Kusuke nomumwe athi Ngiyamubonga Jesi ngoba uwumsiti wami. Ngomlanjela noma sekuluhuni.

Kusuke Mshiywa athi, "Ayi Tihlobo tami nami ngiyamthanja Jesi, ngoba uyisihlobo sehlidiyo yami. Ngomlanjela ngite ngife."

Kusuke NomaSonta athi, ene, "Ayi tihlobo tami, umnanji Jesi, ngimthanja, ngingamfela msinjisi wami".

Kusuke Mpholota, athi, "Ayi tihlobo tami, angivi emadlebeni ngaJesi wami. Kuthi angizule. Ngimthanja ngilahla kohe lebekuyintokoto kumina ngikulahla ngenxa yahe."

Isuke inombatana ihleke kahulu ibe seyithi, "he! he! he!!! Igwabelene ekaSoka lahe. Yilowo uyasukuma anqome bumnanji balo yilowo uyasukuma anqome bumnanji balo. Pho! Lona liphi? Ngakukuhle kokuba liyangena laha, ke ngilibone kokuthi lihle kangaka nani lelisoka lelibambe tinombi netiningi kangaka netisiya. Kajwa mina noma ngingalibona lilihle kanjani ngeke ngimwale. Malayishana ngithi ngitocoma Jesi enetinombi neti

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

69 ningi kangaka. Funa ngithi ngi yeka Malayishana, ngibe sengicoma Jesi. Uyacala uyateka useyangishiya mina useteka netimwe ti nombi, setiyaphela tomo engakangiteki. Kungqono, nje, ngihlale mina kuyena malayishana lona ngoba bawo ufuna tomo. Laba nabacome Jesi ba lungile, nje. Mangabe ngisahleli laha kulomuti ngitobe ngitibuke la njena tohe letinombi neti come Jesi, tigqabelene. Yihle leno nabayedayo. Nami mangabe sengifike ehaya ngoke ngibite banakwethu, ke sitogqwabelana. Sibone kokuthi wumuphi noyombonga kahulu malayishana. Yasho ihleka kahulu".

Bathula njena banu elisonteni. Kwatisa kokuthi babesagqwele moya loyingcwele. Kuthu mangabe kuchamuka lihlaya, bangalinaki. Ngathi laha sengiyitekelwa wumpholota kuthangi, lenjaba ngahleka kabi.

Leyo, ke, yayiyingconjo yebanu nga Jesu ngesihathi sekufika
70 kwebafunjisi. Nanohlanje, kusehona banu nabangakoholwa. Noma ikaje yayihulumwa injaba ya Jesi, nanohlanje la bamwe abakomkhethi

Kojwa noma bengamhethile abamtonji, nje. Noma kushiwo kuthiwa weja tino netiyulu, abanaki, nje, banu. Nabo batejela kwabo, ngoba yena abamboni lomunu lokuloku kuhulumwa ngaye.

Nomhosi, yaphela eeje iyanyedi nenesila, wayesebuyela kunyehi wahe. Wayiyeka lenyalo yo Jesi. Walobolwa, wasina.

Khisimusi

Kojwa Khisimusi bawuthanja bohe. Amuho nongawuthanjiyo nalabasebeda kubelungu bawu thanja kahulu. Ngoba lolusuku belungu baye babahisimuse babajedele bayobona tingane emahaya, badle hisimusi nato.

Etisebedini, hisimusi uhuluma injaba neyulu. Munu uye abe neligunya neyosi yahe nayisebedelayo. Kuye kufuneke munu ativeze eyosini yahe aye koyibingelela ngalolusuku.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Utofika eyosini atiweze kuyona eyejwa, engayambi nelininginì. Afike athi, ene, "Khisimusi bokisi nkosi!" Loku kusho, kumunu ku huluma injaka neyulu.Kuyisibingelelo sekubingelela munu nomhulu waho. Untshela kokuthi Iyosi lelonjolota banu inejele
71 ino neyulu!Z Yanilonjolota nobobili neyosi yaho, le, mosebeda kuyona. Sekute kwafika lolusuku noluhulu lwekutalwa kweyosi neyabikwa yibafunjisi bathi lothanjayo kuhle ayihodi uto sijjiswa. Kojwa noma munu engakovumi kuyilanjela u fwanele ayijumise ngalelilanga le kilwa kwayo ngona yilona bjili layo nelemiswa yibefunjisi, bathi wuKhisimusi.

Ngoba, ke, lolusuku yilusuku lweyosi yemahosi, munu noneyosi yahe nasebeda kuyona ufwanela aye kuyona, ke, aye koyibingelela nganelohulu ligunya lekuyihlonipha nokuhulu. Afike athi kuyona, ene, "Khisimusi Bokisi, Nkosi!"

Nayo, ke, iyosi uma iwati kahle uthetho wengxonjo yemunu kwekuthi uyihlonipha kangakanani mangabe eta yejwa kuyona etoyibingelela kanje, iye ithule. Iticabangele yona kokuthi konje lomunu ngitofwanela ngimnikeni netomthokotisa, kulokungibingelela kwahe ngalolusuku lwehosi yethu!

72 Aqabange, aqabange, asuke amnike noma yini nabona kokuthi itomthokotisa. Naye, lo, noyiyosi ingamgengi. Kojwa kusale kuthokota kumuphi nakumuphiwa.

Kubelungu betikwata, mangabe ethanja, uye ahlabe iyomo. Abite sikwata sahe. A thi,"Nango hisimusi wenu!" Sibonge sincancate sikwata. Sidle sibusise leyosi yaso nesihlabele inyama, ngekusibabata kahulu ngoba ithokotise banu bayo.

Kukabile. Kuhona ix liqhinga lekuthi, "Khisimusi Bokisi." Lowo nosho kucala, wuyena nophiwayo. Uma umunu eya kumulungu wahe eya kokuthi, ene, Khisimusi Bokisi, mlungu noyifunje kahle ingconjo yemunu, uye ambone munu eta yejwa abone kokuthi ene, umconjile. Abe sesuka naye aconje kuyena. Athi engakahulumi lutho munu, abe sehuluma yena kucala unungu wahe, athi, ene Khisimusi Bokisi Sibanibani!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Abe sehleka munu. Athi, ene, Awu! Yosi! Inganti bengita kuwe njena ngithi ngitosho kucala kuwe kokuthi "Khisimusi Bokisi!"

73 na? Athi unungu, "Nakoke, awushongo. Kute kwasho mina. Ngako, ke, Khisimusi Bokisi, Sibanibani."

Limulehlile, ke, liçala. Angebe esaphenjula lutho. Usetoya maba aye ehaya. Afike etimbutini tahe ahethe imbuti nayibonayo kokuthi iyabukeka ayinxibe ngenambo. Ayichube aye nayo eyosini yahe ngekuthokota afike ayinike ngehlidiyo nehlophe. Athi, "nawo, ke, hisimusi waho, yosi."

Nomunwe mangabe enelihawu lahe nelihle, amnike lona. Noma enenjuku yahe yensimbithi labengakoyisebedisi, amnike yona. Noma ebenelibeshu lahe nalisikileyo, engakoligqoki, utommika lona. Noma yiyiphi, nje, imahla yahe nayethembileyo, kokuthi itofike iyithikotise iyosi yahe, ayithathe ayihisimuse ngayo, ngoba iyona nemwephuce enomweni kwasho yona kucala kokuthi ene, "Khisimusi Bokisi," kucala.

Banu, ke, abasigoini sihathi njengebelunga, kokuthi Khisimusi mphela ngahisimusi. Cha!

74 Awuphelo ngalelo langa. Muclalo wekuthi, "Khisimusi Bokisi!" uhlala kute kuphele tinyanga noba titinathu esedlulile Khisimusi Mangabe sihlobo saho unatange usibone ngelilanga lahisimusi, wate wasibona sekwedlule tinyanga netimbili noma yinetinathu adlalwa hisimusi, kuyililungelo laho kufika eeje ku sona usho kucala uthi, ene, "Khisimusi Bokisi, Sibanibani!" Mangabe usho kucala nempela leso sihlobo saho, silahlwe yiliqala ngoba nempela uwena nosho kucala, sona sisalibele. Sedito bwanela sikunike hisimusi waho. Sitothola noma yini, nje, etinyweni taso sikunike, Naso si kunike ngekuthokota nawe wemukele ngekuthokota.

Loku kweda kubonakalisa kokuthi niyitihlobo. Sekuyothi ngemwaka notayo, ke, sibe sesiyawu buyisa lohisimusi nosihisimuse ngawo. Siwubuyise ngekuku funela nawe ino nehle nesiqabanga

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

42 b/c

kwekuthi uyouibona ceje uthokote. Sithi sethuka, nje, sebone
75 sewusinika. Sibe sesiyahleka naso. Sesihumbula ukuthi hhabe!
Konje sewubuyise lowoya hisimusi nesasikuhisimuse ngawo!

Kunesimwe sihathi kuye kube hona sisebedi nesesaphuma kumungu waso. Saphuma saya kohlala ehaya. Kutophela noma yiti nyannga netibili, mhlawumbe, amubone basi wahe.

Kuyililungelo leligunya nelihulu kumunu kokuba aconje kuyona iyosi yahe, afike asho ngesibinji sekuhlonipha nokuhulu kuyena. Afike athi, ene, "Khisimusi Bokisi, Yosi!"

Nayo iyosi, uma iva munu wayo esho njalo, kutofika kuyo engconjweni, kokuthi "Awu! Yebo! ngimehlomajala! Lomunu uhumbula injaba neyulu! Sathi ngamdlange sehlukanayo naye sasingati kokuthi sobuye sibonane. Kojwa mohla, nje, mandla nathile akwejile kokuba masihlangane kulenjawo.

Abe seqabanga ngetingoli netiningi nabasinja kutona ekwehlukaneni kwaho. Kojwa kwejeka kokuba mabaphephe bate
76 babonane futhi. Kwathi nakemihuhla neni nemininingi neye ifike ngethisuku takhisimusi ibathathe naba ningi, bona baphepha, sebete bayabonana nohla. Aqabange, ke, kokuthi sisho loko lesi bingelelo salomunu. Uthi, ngoba naku asibonananga ngelilanga lelo lahisimusi sesibonana sekwedlule tinyanga adlalwa hisimusi, kuseselunge lweni, ngethetho wesintu kokuba asibutane khisimusi Bokisi. Ngako, ke, lowo nosho kucala, wuyena nohumbulile Lo, nokushiwo kuyena, kuyililungelo lahe kumhisimusa lomunu ngeno noma kungaba yini natothokota kumhisimusi ngayo.

Ngoba lomdlalo, ufwana nemdlalo wetingane, wembethe. Tingane tiye tiyambe, tiyambe, tiyambisana, kothi laha tehlukana hona ngetindlela netiya emakubo, bese kuchamuka ingane nethile ibite nemwe. Ithi, nje, "WeYobini!" Athi Yobini "We!" Ibe seyithi "Nalo!"

Useyahumhula, ke, Yobini kokuthi ngayamba nembethe, ke, nohlanje. Kuhle nami ngiyivuthulule. Abe semubita naye athi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

77 "WeGigiza!" Atithulele, nje, Gigiza, angasabeli. Ngoba mangabe esabela uyayithatha imbethe nayibeke ku Yobini.

Utobona Yobini kokuthi Gigiza asabeli, abe semsukela. Abaleke Gigiza. Ate athi mangabe ebona kokuthi x uyamfiqa, ahlale kasi. Afumbathe tandla. Mangabe emthinta efumbethe akunaqala. Amubite. Atithulele, nje, Gigiza. Utote afulathele Yobiniabe wumunu noseyamba. Asukume Gigiza abaleke. Amsukele. angamfiqi. Ambite. Angasabeli. Abe seyajela, ke, kokuthi ~~xxxxxxxxxx~~ nangempela uyambe nayo embethe nohla.

Sekuyokwati yena ngoso sebephinja bebonana. Amtume, mangabe sebehlukana. Amthinte ceje athi, "nalo!" ceje abaleke. Abe yathe uyamsukela angamfiqi. Kube, ke, naye uyithathile imbethe Kunjalo, ke.

Munu umubuka Khisimusi eyilijili nelihulu nelinemdlalo, njengoba munu ewejwayele majili. Awufwani nemshajo ngoba mjadu wona usinwa usinwe, kudliwe. Kube sekubukelwa mshakati aba, abela malungu akemtini wehe.

Wona, ke, hisimusi, wohe munu kufwana nekuthi uwumshakati.

78 Unelilungelo wohe munu lekuphana. Kulolusuku kuphiwana ngempela. Noma wubani aphe noma wubani. Ngako, ke, mjasu wona awunakulingana nalolusuku, ngoba phela kuye kubukwe munu memwe ngalelilanga.

Majili lawa banu bawatisa kahulu ngekwemvelo. Ngoba mangabe kufe munu laha, mahubalo ate adliwa, kusho kokuthi labo banu ngeke bacina. Ngeke basithole sibinji. Bayohlala beneluvalo njalo, majolo egqwale madi kubona njalo. Ngoba abawadlanga mahubalo, wona natobemisa sibinji.

Ligati liyajingeka ngalona lilanga lemahubalo, bebuya kongcwaba. Ngoba phela bakasi bayambele laho ehaya, batohlangabeta lomunu noshonileyo. Kufwanele bathi mangabe bemlanjile loyo, balithole ligati. Yihona beyobabeka. Kuthi nalowo noyambileyo

79 abe yili dloti nelifwaneleyo, ngoba uhlanganiswe nanabamme ngeligati ehaya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sekutoyamba kuyambe ke, ku phele sihathi. Mangabe siphelile sihathi sekutila, kusilwa lijiki. Kuhlabwa iyomo. Kudliwa lijili.

Ngalesihathi kuhlabiwe ehaya, bahona nabo bakasi. Babuka tohe tino netejekayo. Bayalati lijiki nelisiliweyo kokuthi lingakanani. Bayakwati kudla nokuphekiweyo kokuthi hungakanani. Bayadla nabo, bayaphita kunje.

Ngoba phela, munu uye afumbathiswe imbewu yetihlobo tohe. Kwejelwe yihona engeke ayambe nekudla. Kutothi, ke laba nabaseleyo, balime kudla. Kuvume kudla ngoba bawagcinile masiko. Bayambisa ngawo.

80 Ngelijili futhi, batobuya bona bakasi. Badle, badle, babusise. Sekutothi, ke, banu labo nabafelweyo, basale nesibusiso nesithelwe abakasi. Babemise kahle ngoba balugqinile lusiko batohlala nabo njalo, bababeke ngemehlo nahlophe njalo.

Kojwa banu bakasa bayalamba bona. Abasho kwekuthi ngoba bebedlile nyakenye, ngeke besalamba nemwaka. Bathanja inyama bona.

Kojwa phela, mangabe munu engagcinanga kahle ngelilanga lekuba abahlabele, ede kohe lokwediwayo ekungcwabeni nakemahuba lweni, nakekumbuyiseni munu, nakekumtileleni futhi, aye amfulathele madloti.

Abe salime angatholi lutho. Kuthi noma kutala ufati ehaya, ambambe madloti angatali kahle. Kuthi nenombi neyenjayo yalaho ehaya, kuthiwe inohlaba ayisinyoluki sisu, ibambwe yilabakasi. Kuthi nebafwana balaho ehaya babe besathe bayasebeda

81 bangaphumeleli. Baliwe nayibelungu. Babe nelishwa, nje. Kuthiwe bafulathelwa yilidloti lekhwabo, ngoba abagcinanga kahle mingci yekungcwaba nekutila.

Nemahla yemunu efile ayi chithwa. Kute kuphele mwaka kwejicwe lijili lekuyeka kumtilela. Kube yihona kuhulumwa ngemahla yahe. Kungathi kutiliwe kube yihona kugwabutwa imahla yahe, songathi kwa kuhleliwe kutshiwa ofa nini sithole imahla!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Netingane, nje, kuthi kubo nwa tibe tigula titshi atife. Kuthiwe kuthukuthele bakasi ababuyiswanga. Namahla nje, iqhoboteke iphele. Kuthiwe yibona bakasi. Bayatihlabela ngoba abahlabiswanga.

Kunesimwe sihathi atheleke yena mnumtane ngempela. Kutheleke yena baba, imamba neluhlata egoqe yegqwale sibaya.
82 Noma kube yinyanjetulu. Ingalimati munu. Mhlawumbe ibonwe kube kugula ingane ikasi kwekufa.

Kube sekubitwa munu nomhulu ehaya. Atothetha ethetha lona lithongo lelo. Ashwelete, ashwelete, ebalisa. Abalise na ngekugula kwengane leyo. Abalise nangekuthi alibuyiswanga abalise nangekuthi shwele, nayo iyabi neyimubala noyikuthi iwukudla kwaho. Sibeke ngelihlo nelihle. Kuphele mashwa nebuhlungu. Asho ebula tindlu leti, ethetha esho kokuthi Kwejenjani! Wasi bulala wasiceja wena wakekuthini. Ayihlabe leyo yomo. Inyamalale inyaka leyo. Babone seyingasehonjena. Kudliwe kudla loko, aphile munu.

Kani futhi nalona lidloti nelihle liyabuya lefike ehaya, litobusisa. Litoyamba banwanwa, libejele ihlahla, yemehlo nahlophe. Bajwayele kuhlaba, ko. Ngoba liyayithanja phala
83 inyama. Mangabe kuhlala kube hona ligati ehaya uye ubone, ke. Tibusiso titshi nzenene. Tohe tindlela titshi nzenene. Mangabe kunjalo, ke, kuthiwe lidloti laho lihle. Wayambisa kahle wohe msebedi wasukela esagula, wato wafa. Wate wayambisa kahle nakekungqwabeni. Nakekutileni. Nakekuhlabeni ngako, ke, likubekile lidloti lehwenu.

Mhlongo, injodana ya Nohlupheka, yayeswela imbuti yemahubalo. Yabuye yathathela yafuna yafuna. Akwate kwaba hona munu nonayo. Leno yamhlopha kahulu mhlongo. Wabuye wathathela. Wafuna, wafuna, wayithola imbuti ku mngani wahe namwethembileyo. Wamnika nje, imbuti nebekileyo ngempela.

Kwejeka uhlola. Wayithenga ngapondo. Uthe eya ehaya, wa
84 yedlula kulomumwe muti. Kuhona libwe lekugaya lesilungu lithengisa pondo. Lomngani wahe labebeyamba naye, wayesemnika pondo ethi kuhle athenga lelibwe athengele ufati wahe, Mhlongo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 46 *

Walithenga, nempela. Wa yesefika ehaya ephethe libwe n nembuti. Kwadliwa kwa phela. Wayesemubuyisela pondo wahe lowo mnganahe. Wayesemtshela ethi, "Cha Mhlongo, ngiya kupha lowo pondo. Nami ngibonakalisa kubonga kwami kuwena. Awuhumbuli yini kokuthi wake wangisita nami ufika ngifelwa wumame, awudlulanga. Walala. Wangihlalisa kwasa wangingqwabisa. Kwasa wangilalisa kwate kwedlula tisuku tebunzima bami. Nami, ke, ngiyabonga ngaleluhlamvu kuwena Mhlongo. Mihombe iya ngekwenanana."

Yaphela laho, ke, leyo njaba. Ngoba munu lohambise kahle ngelisiko lebanu uye abe nehlahla. Ngoba naye akhalisanga.

End. of S.598

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.